# *UKUKHONZA UNKULUNKULU NGOKUNGESIYONA INTANDO YAKHE*

Sisamile nje okwesikhashana ukuba sikhuleke. Ake sikhothamise amakhanda ethu.

Nkosi, siyathokoza namuhla ekuseni ukubuyela endlini kaNkulunkulu kwenye inkonzo. Siyakhuleka Nkulunkulu ukuba Uzosiqondisa ekuseni nje kukho konke ukweduka kwethu. Sikhombise izindlela ozimisileyo ukuba sihambe ngazo, siphe umusa wakho nothando, ukuze silandele lezondlela nemiyalo ngenhliziyo yethu yonke, ukuze ngalolosuku sifunyanwe sikuKristu, singenasici, ngokuba siyakholwa, Nkosi, ukuthi ukubuya kwaKhe sekuseduze.

2 Sibona zonke izibonakaliso Athe ziyokwenzeka phambi kokufika kwaKhe manje ziyagcwaliseka. Ngokuthokoza silangazelela lowomzuzu. NjengoAbrahama wasendulo walangazelela indodana yesethembiso, ebona lezozibonakaliso zokugcina zikaNkulunkulu zehlela emhlabeni, khona-ke waqonda ukuba akusekude indodana ifike. Namanje, sibona kuphinde kwenzeka futhi. UJesu wasitshela ukuthi uma lezozinto sezigcwaliseka kumele siphakamise amakhanda ethu, ukuthi u—ukusindiswa kwethu kwasekuseduze: ukudideka kwesikhathi, ubuhlungu obukhulu phakathi kwezizwe, ukuzamazama komhlaba ezindaweni eziningi, ukuqubuka kolwandle, izinhliziyo zabantu zibulawa yitwetwe.

3 Siyaqonda ukuthi sikulelohora lapho izizwe zingazi ukuthi zizokwenzenjani. Enye impi iyaqubuka, kubukeka kuzobanjalo. Kuyoba yisikhathi esibuhlungu. Umhlaba uqhekezeka phakathi, ochwepheshe besho ukuba kukhona ubunzima obuseduze. Siyalibona iBhayibheli likhuluma ngakho lokhu. Ngakho, Nkosi, sisize namuhla ukuba sime kulendlu yokuqondiswa, futhi sithathe iziyalo kuNkulunkulu wethu ukuze siqhubekele phambili kulesisikhathi sobumnyama sikhanye ukuKhanya, ngokuba kungahle kube yithuba lethu lokugcina ukwenze-njalo. Lokhu sikucela ngeGama likaJesu nangomsa waKhe. Ameni. (Hlalani phansi.)

4 Impela lokhu ngikubona kulithuba elihle kakhulu ukubalapha etabernakele namuhla ekuseni. Ngiyaxolisa ukuthi asinayo indlu yokuba nihlale kuyo emacaleni onke. Indawo igcwele phama, kumiwe ndawozonke ngaphandle . . . Ninabantu

eningaphandle manje, ningalalela lokhu emsakazweni wenu, ngiyakhohlwa . . . [uMfowethu uNeville utshela uMfowethu uBranham ukuthi isiphi isiteshi okungezwakala kuso—Umhl.] . . . 55 kuya ku 57. Ninabantu abangaphandle nabasendaweni yokupaka izimoto nabasemigwaqeni, ningalalela lokhu emsakazweni wenu phakathi ku ka 55 no 57 esiteshini somsakazo.

5 Ngakho sizamile . . . Bengibuya, njalo, uku—balapha ukuzama ukuba cishe ngibe nomhlangano izinsuku ezilishumi ukukhuluma ngesifundo seZitsha zokuGcina eziyisiKhombisa; ngoba phakathi nalezoZitsha kukhona amaCilongo. Futhi benginitshela nge—lapho ngangizoshumayela ngamaCilongo ayisiKhombisa, ukuthi ngiyowaletha kanye neZitsha neziNhlupho. Futhi ngicabange ukuthi kuyoba yisikhathi esihle; ngisanda kubuya eAfrika; na—nabantwana kakaze babenalo iholide labo. Umfanyana wami, uJoseph, ube—ubehambe isikhashanyana—udinge amavikana ambadlwana okubuyekeza ekufundeni kwakhe. Uphumelele kahle, kepha akashayanga esikhonkosini, ngakho samgcina eTuscon kuthe—ngenkathi ngiseAfrika, wabe-qhubeka nokufunda kwakhe ecoshacosha nokunye esikoleni sasemini. Sabe sesiyabuya. Ngacabanga ukuthi, ngesikhathi izingane ziseholidini lazo ngiyoba nomhlangano omncane nabantu lapha ngishumayele lezizifundiso. Kepha ngesikhathi sifika lapha, sathola ukuthi asinakulithola ihholo lesikole.

6 Futhi bengazi ukuthi itabernakele belinganele ukuhlalisa abantu futhi libenze bahlale ngokuthokomala ngendlela okufanele babeyiyo uma be—uma nginalomlayezo; ngakho, kudingeke se—senze amalungiselelo ahlukile. Futhi esikhundleni sokuba no—nobusuku obulishumi ebesicebisane ukuba sibe nabo, qha, ngibe sengenza izinkonzo nje ezimbili ngeSonto—kuleliSonto, iSonto elizayo, naseSontweni elilandelayo, izinkonzo ezimbili, ukuze . . . Kepha asikwazisanga. Futhi-ke, uma kukhona ozwe ngandlebenye ukuthi izinkonzo ibiyoqala ngomhla zingamashumi amabili nesishiyagalombili ehholo yesikole, uma uNkulunkulu evumile, yebo, uma ninanoma yibaphi abangani nithole noma yiziphi izabelo emamotela, ngi—bengiyakukwesula (niyabo?), ngokuba ku—ngokuthi ba—asinaso isikhathi esanele sokukwenza; abalitholi—ihholo lesikole.

7 Namanje, ngifuna ukukhuluma nge—ngezinkonzo zobuvangeli nje ngeSonto ekuseni. Kanti ngeSonto ebusuku ngifuna ukuba nomthandazo wabagulayo. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzohlangabezana nani nina bantu abagulayo. Angazi ukuba uBilly uzoninakekela kanjani, ngiyethemba, uzoninikeza amakhadi okuthandazelwa, noma ngayiphi-na indlela azobheka ngayo ibandla. Kepha sokwenza konke okusemandleni ukuthandazela wonke umuntu ogulayo

kulamaviki amathathu ezayo esihlose ukuba nezinkonzo ngawo, uma kuba sentandweni yeNkosi.

8 Kanti-ke, ezikhathini eziningi kuyaye kubekhona ukuxoxisana kodaba oluqondene nomuntu ngqo, umuntu othile ufuna ukukubona umzuzu nje nganto-thize noma ngokunye okufana nalokho. Ngakho sizo. . .Bangaki lapha abafuna ukungibona ngasese, asibone izandla zenu. Wowu! Ubani ongafuni na?

9 Ngakho-ke, si. . .Kuzoba nzima ukubathola, ngakho loba isicelo sakho bese uzithumela—uzinike uBilly, ukuze ngizithole lapho. Manje-ke, uzomemezela nga—ngiyaqagela, ngamakhadi omthandazo, uma sekufanele akhishwe.

10 Bangaki abefundisi babazalwane bethu olapho lapha ekuseni namuhla na? Akaze sibenalo ithuba ku. . .angiqageli. . . Nimqondile oyedwa wabo na? Bangaki abefundisi abalapha ekuseni namuhla na? Akeniphakamise izandla zenu, noma nisukume. Akesibone ukuthi bangaki abefundisi abasebandleni namuhla ekuseni. Impela, kuhle! Ayibongwe iNkosi ngalamadoda. Ukuba sinesikhathi besizobethula ngamunye, kodwa ngineqiniso niyababona futhi si—uNkulunkulu uyabazi enkonzweni yabo; futhi siyakhuleka ukuba uNkulunkulu uzobabusisa kakhulu. Akungabazeki abaningi babo bavale izinkonzo zabo ukuba beze lapha—uMfowethu uJunior Jackson, uma ngiqagela, Mfowethu uDon Ruddell. Lokhu kusakaza kuyafinyelela emabandleni abo. Nase—futhi naphezulu eNew York nakwezinye izindawo isizwe sonke lokhu kuhamba ngocingo oluqondene nalelo naleloSonto ekuseni namuhla.

11 Ngiyajabula ukubona uMfowethu Richard Blair ehlezi lapha. Ngisanda kufunda incwadi ngento enkulu uNkulunkulu ayenzile phakathi kwabantu lapho. Ngelinye ilanga, njengoba ngazi (ngingaba nephutha, Mfowethu Blair; uma nginalo, ungibuyise), wayesebenza, esiza indoda ukuxhumanisa ugesi enqoleni kumbe enye into, ngiyakholwa kwakuyiyo. (Ngayifunda incwadi.) Base behlehlisa into ethize; kusenjalo, yagijima yaqonda emanzini lapho kwa—kukhona umfanyana (omunye we—wendoda ongumnikazi-nqola, umfanyana wakhe, oselibhobhodleyana), yabulala umfanyana. Nesisu sakhe saqumba ne. . .Siyakwazi ukubanjwa ugesi, kwe—kwenzeka kanjalo uma befa. Amehlwana ashona phakathi; amazinyo ahlangana.

12 Kwabashaqisa kabi abazalwane. UMfowethu uBlair wathi wacabanga ukungibiza lapho ngikhona ukuba ngikuthandazele, kepha wakhumbula ukuthi kwakuyilokho, “Lapho ababili noma bathathu behlangene ngeGama Lami, nami ngoba khona phakathi kwabo.” Uyise waze wayobuka iminwe ezama ngeminwe yakhe ukuxazulula umlomo womfana ukuba uvuleke.

Base beguqa phansi baqala bakhulekela umfanyana, wabuye waphila futhi.

13 Kwaba yiqiniso Mfowethu Blair na? Ngomunye wabafowethu abakholekile lapha. O, umfanyan'ulapha. Yebo, ayibongwe iNkosi! K'yathokozisa. S'celukuba usukume, mfan'uSonny. Manje, sibonga iNkosi ethandekayo ngalokhu. Nguye lowo uyise womfanyana na? Unguyise na? K'lungile. Sinaye lapha uMfowethu uRichard Blair. UNkulunkulu wethu ukwazi ukwenza noma yini. Yebo, mnumzane! Wakwethembisa. Siphila Phambi koPhezukonke omkhulu, okhazimulayo, uBaba wasezulwini. Nazozonke izinto esi—ziyenzeka uma singakholwa yikho.

14 Niyabo ukuthi lokho kuvezani, ukuthi kwayizuzisela ini empilweni indoda ngenxa yokukholwa yilokho na? Kwasindiswa umfanyana wayo. Manje, uNkulunkulu wayenezinceku zakhe ezethembekile lapho ku—Mfowethu uBlair nabanye—ukukhulekela umfanyana ekulesosimo. Yebo, noma kwenzekani, khumbulani, ningabantwana bakaNkulunkulu oPhilayo. "Lapho ababili noma ngaphezulu bebuthene ngeGama Lami, lapho Ngikhona." Futhi k'lotshiwe kanje, "Uhlal'elusizo ngesikhathi sokuhlupheka." Uma-ke kwake kwabakhona ukuhlupheka, lowomfanyana engumfunzana ethe ja emhlabathini efile ngenxa yokubanjwa ugesi owamthintayo . . . Ngakho, siyambonga uNkulunkulu ekuseni nje ngazo zonke izinhliziyo zethu ngalezi—ngalezizinto Asenzele zona.

15 UNkulunkulu awabusise lamadoda ethembekileyo futhi. Esikhathini esiyincindezi kuy'sona sikhathi sokubuka kuNkulunkulu; bese ubuka Kuye ubusuba nobungani naYe ngaphambi kokuba isikhathi esiyincindezi sifike. Siyakwazi lokhu: Uma sinobubele noNkulunkulu, singaMcela noma yini, nanjengoba ungenze njalo nanoma yimuphi omunye umngani; futhi-ke Uhlal'elusizo ngesikhathi sokuhlupheka.

16 Ngike ngahlangana nodadewabo kaMfowethu John Martin emgwaqeni izolo. Bengi . . . Khona ongimisile ezansi nomgwaqo omunye ubedlula bangiphakamisela isandla sabo. Sengibuyela emuva ekhaya, niyazi, ubona abantu nomaphi bayama baxhawule njalo njalo. Lentombi-ke, ngiyakhumbula basanda kungibiza lapho omunye kade eyishaye emhlane isemotweni, yavandlazeka umgogodla wonke, phansi-na-phezulu. Ibisikhombise ukuba yisishosha safuthi. Ihlez'enhlanganweni namuhla ekuseni ithokozela uBukhona bukaNkulunkulu. Bengixoxa nayo nje endlini; Ngithanda ukukhuleka nayo futhi, futhi ibi . . . Ikhona lapha ndawo-ndawo nje. Cishe ay'bange isabuya. Kanti khona la! Yebo, ihlez'khona lapha eduzane kwethu. K'njalo. Ungasukuma okomzuzwana, Dade, ukuze abantu ba . . . Nans'intombi udokotela ezinsukwini ezimbalwa ezedlule ubesethe ayisophinde ihambe, emgogodlweni kwesingenhla nakho konke ngenxa yokulimala kabi—

kabi; kepha nanso ima, iphila. Niyazi iBhayibheli lathi, “Babengenakuphika lutho, ngok’ba umuntu wayemi phakathi kwabo.” K’njalo. Nang’umfanyana obuyiswe kwabafileyo. Futhi nang’owesifazane nomgogodla ovandlazekile, emi phakathi kwethu. Sekwenzekile. Ngakho-ke Unguye izolo, nanamuhla, naphakade. Malibusiswe iGama leNkosi! Simelwe ukuthokoza ngokuphila manje phambi kwaKhe futhi sazi ukuthi Ulusizo lwamanje esikhathini sokuhlupheka.

Kuyintokozo ukubona uMfowethu uVayle, uMfowethu uMartin, bebaningi ekuseni namuhla. Kanjalo iNkosi inibusise kakhulu bazalwane.

17 Manje, k’yi . . . Ngiyazi ukuthi akupholile kangako lapha kulokhu kuminyana, kepha nokho, ngenkathi ngisuka eTucson ngelinye ilanga, cishe kwakuyikhulu nane noma nanhlanu; cishe phakathi nobusuku futhi kwase kungamashumi ayisishiyagalolunye nantathu, ngakho lokhu kuzwakala kukuhle kimi. Bathi-ke eParker kwakuyikhulu namashumi amane ngoLwesihlanu ngaphambi kokuba sisuke. Nawe uyazibonela ukuthi kwakushisa kangakanani. Kwenziwa ukuthi kusogwadule.

18 Manje-ke, lamaSonto amathathu ezayo . . . Namuhla, zilishumi nanhlanu, Ngikholwa, ukuthi kunjalo, noma zilishumi nesithupha na? Zilishumi nanhlanu, akunjalo na? [Omunye uyaphendula, “Zilishumi nesishiyagalombili.”—Umhl.] Zilishumi nesishiyagalombili. Namhla zingamashumi-ayisishiyagalombili nango—Agasti lulunye. Kunjalo na? [Omunye uyaphendula, unikeza izinsuku okuyizonazona.—Umhl.] Zingamashumi amabili-nesihlanu—zilishumi nesishiyagalombili, zingamashumi amabili-nesihlanu-nangamhla lulunye, kuyoba nezinkonzo etabernakele. Anazi, kumele nikuzuze, ngoba, niyabona, asikutholi oku—okulapha manje ngaphakathi, niyazi, kuya ngokuba kubi. Nibuye nibuye nje uma kungenzeka.

19 Futhi—futhi ke ngilapha ukubonana namalunga ndawonye. Ngizama ukulungisa konke lokhu okungenzela phansi ekutholeni indawo yokubambela umhlangano uma ngiholeleka ekwenzeni njalo. Ngakho ngicabanga ukubacela ukuthi singezitholele yini ithende lethu bese—bese silakha sizihlalele kulo, yebo, niyazi. Siphume siye emaphandleni noma epulazini siligxumeke lapha nalaphaya njengalokhu iNkosi iyosihola. Futhi ngiyezwa ukuthi lokho Izokwenza. Niyazi kunombono omayelana nalokho. Futhi ngicabanga ukuthi kungenxa yalesosizathu ukuba lokhu kwenzeke . . . Manje niyazi, esikhathini esiningi sicabanga ukuthi kubi ngoba izinto ezithile zenzeka, kepha niyazi, kungaba nguNkulunkulu (niyabo?) ekuqhubela kulezizinto. Uma Ekusho, Uyokwenza.

20 Ebusukwini obumbalwa obedlule iningi lenu—cishe enyangeni nje ngaphambi kokuya eAfrika . . . Iningi lenu mhlawumbe linayo itape (kinina bantu eninamatapes) ethi *Ukukhetha uMlobokazi*. Yashunyayelwa eCalifornia. Emzuzwini yokugcina yaleyotape, angisakhumbuli ukuba ngake ngaba lapho. Kepha uMoya weNkosi wafika ngendlela emangalisayo. Bengiyilokhu ngibasola indlela abaphila ngayo nabenza ngayo, kwathi emva kokuba iVangeli selishunyayeliwe futhi labonakaliswa kakhulu phambi kwabo. Ngokushesha uMoya oNgcwele wakhuluma wathi, "Kapernawume (niyabo?), umuzi ozibiza ngegama lezingelosi (leyo yiLos Angeles), uziphakamisele eZulwini, kepha wehliselwa esihogweni!" Niyabona na? Khona-ke emva kwalokho kwase kudlula, kungani na, ngangingaphandle. NoMfowethu uMosley enoBilly wayenami, base bethi . . . Babuyela emuva babuka, abantu babeshayeke phansi bonke, abefundisi bekhala.

21 Ngase ngihamba ngithatha umBhalo; Ngathi, "Kukhona okuqondene nalokhu eBhayibhelini." Kwabe kunguJesu esola iKapernawume, yonke leyomizi yangasogwini Ayeyihambela. Washoloni ukuthi, "Kapernawume, wena oziphakamisele eZulwini, uyokwehliselwa phansi esihogweni." Wathi, "Ngokuba uma yayenziwe eSodoma naseGomora imisebenzi yamandla eyenziwe kuwe, ngabe likhona nanamuhla." Nangalesosikhathi iSodoma neGomora lase lingaphansi kolwandle. Khona-ke emva nje kwalokho, mhlawumbe iminyaka elikhulu noma nengxenye emva kwesiprofetho sikaJesu, iKapernawume, elinguwona muzi ongasogwini Awuhambelayo, ukuzamazama komhlaba kwawucwilisa olwandle. Niyazi, kwakuyimpendulo eqonde ngqo kwiCalifornia, mayelana neLos Angeles.

22 Kanti ke ngelinye ilanga eTucson, ngisanda kubuya nje, kwabakhona ukuzamazama okukhulu komhlaba lapho. Nochwepheshe kuTelevishini babekudweba. Kwase kusemaphepheni, lapho umhlaba ngelinye ilanga waqhekezeka kusuka eziQhingini zaseAleutia—noma ukusukela eAlaska kujike eziQhingini zaseAleutia, cishe amamayela angamakhulu amabili kusuka olwandle, kwabuyela eSan Diego, kwazungeza iLos Angeles, kwaphumela eSan Diego. Kwagudluka ngamayintshi amaningi. Izindlu zidicileke phansi. Amamotela engene phakathi. Uchwepheshe wase—buzwa, ngalomdwebo, wathi, "Yebo, kungawa ngelinye ilanga?"

23 Wathi, "Kunga? Kuyowa!" Wayesesebenzisa amagama obuchwepheshe ukuthi wubindiza lu . . . Yikho okwenze lokhukuzamazama komhlaba okuze kwayofinyelela eSan Diego nasezansi le; kube yileyondawo engumhholo. Kepha manje yonke isiqala ukubihlika njengesihlabathi sibihlika. Kepha manje isiluqweqwe nje iya ngokunyimfika ngamayintshi amaningi. Bangathatha umshini wokukala nokunye, balandele

lolofa, bakale, babone ukuthi kwakukuphi. Kwabuye kwaphinda futhi kwaguguleka ngamanye amayintshi amaningi, mhlawumbe amabili noma amathathu amayintshi ngelinye ilanga futhi, emva nje kwalokho isiprofetho savezwa.

Laba ababebuza uchwepheshe bathi, "Qha, cishe ngeke kwenzeke esikhathini sethu."

24 Wayesethi, "Kungenzeka emva kwamaminithi amahlanu noma eminyakeni emihlanu, kepha lizowa."

25 Unk. Simpson—Angisho ukuthi unathi namuhla; noma . . . Ngibona uMfowethu Fred ohlezi la, kepha angazi ukuthi uNk. Simpson ukuphi. Waba nesiprofetho engasenza cishe ngo 1935 kuyela lapho nje, wathi: "Isikhathi siyeza (kulotshiwe ndawo ndawo encwadini) ukuthi ulwandle luyokhala lwewukele ogwadule." Buka ukuthi kuyokwenzekani. Uma lezozinkulungwane zamamayela sikwele ziwela obindizeni lomhlaba zishone phansi, kuyoba nezigidi eziyofa ngasikhathi sinye. Lokho kuyokwenza igagasi eliphakeme kakhulu . . . Khumbula, kuyodilikela oLwandle lukaSawoti okulikhulu noma amakhulu amabili amafidi ngaphansi kweleveli yolwandle. Lawomanzi cishe ayoze afike eTucson ngalelogagasi eliphakeme kakhulu liwelela lapho. Nolwandle luyogobhozela nasogwadule.

> Izizwe ziyehlukana; UIsrayeli usephapheme,
> Izibonakaliso ezabikezelwa ngabaprofethi bethu;
> Izikhathi zabeZizwe zibaliwe, Nezinsizi zokuhlupheka
> Buyani, O nina bahlakazekileyo, kwababakini.

26 Sisesikhathini sokugcina. Namanje, iNkosi inibusise kakhulu. Sengiqale ngalokho ngaze ngakhohlwa nayisikhathi. Sizonyamalala ngokushesha singene engunaphakadeni noma kanjani.

27 Manje-ke, kuMark oNgc, isahluko 7 nevesi lika 7, ukuze ngakhe isihloko kulesisifundo esifundwe ku 1 IziKronike 13. Ukwakha isihloko salokhu ngifuna uMark 7:7

> . . . *bangikhonza ngeze, befundisa* izifundiso *eziyimiyalo yabantu.*)

28 Manje, angazi lutho kuphela uMyalezo iNkosi engiphe wona, futhi-ke yilokho kuphela engingakhuluma ngakho. Namanje-ke, ngizokhuluma ngesifundo namuhla ekuseni engicabange ukuthi singasihle. Nakusihlwa namuhla ngithanda ukukhuluma ngokuthi, *iNyama ngeSikhathi esiFanele*, uma iNkosi ithanda—*uKudla kokoMoya ngeSikhathi esiFaneleyo, nokuthi Kwamukelwa kanjani.* Manje, ekuseni nje: *Ukuzama uKwenzela uNkulunkulu iNkonzo Ngokungesiyona iNtando yaKhe KaNkulunkulu.*

29 UNkulunkulu uyabusa. Siyabona lapha okwenziwa nguDavide emBhalweni esifunda kuwo Kwi 1 IziKronike 13. Futhi waye—izinhloso zakhe zazizinhle. Kepha uNkulunkulu akasivuzi ngezinhloso ezinhle. Iyodwa indlela yokukhonza uNkulunkulu, ngeyokwenza intando yaKhe ngokuyala kwaKhe. Futhi uNkulunkulu, engumbusi, akukho namunye ongaMtshela ukuthi akenzeni nokuthi kwenziwe kanjani; Ukwenza ngendlela . . . Uyayazi indlela eyiyo yokukwenza. Lokhu kungenza ngizizwe ngijabulile. Futhi kufanele kusenze sonke sijabule, futhi ngineqiniso ukuthi kwenzenjalo. Ngoba omunye angenza *ngale*ndlela, omunye enze *ngaleya*ndlela, nomunye ngenye indlela . . .

30 Kepha enye into enkulu ngoNkulunkulu futhi, Akasishiyile, manje, ngaphandle kokwazi ukuthi liyini iQiniso nokuthi lenziwa kanjani. Angebe ngolungileyo ukusijezisela into esiyenze singazi ukuthi kufanele yenziwe kanjani, bese singqubuzeka kwenye into. Akasiyo leyonhlobo kaNkulunkulu. UnguNkulunkulu okhuluma izwi maqede alindele ukuba abantwana baKhe balikholwe. Ngakho-ke, Uyakwazi okuyikhonakhona, nokuthi kufanele kwenziwe nini, nokuthi kwenziwe kanjani. Sinemicabango yethu ngakho, kepha uYazi.

31 Futhi-ke, uma Ebeka inqubo Abezoyenza kepha angas'tsheli ukuthi bekuyokwenzekani nokuthi kuyokwenzeka kanjani, bese singqubuzeka kukho besiyo—siyolungisiswa eku—e-kungqubuzekeni kwethu noma sizame ukwenza okunye, ilowo nalowo ubeyolungisiswa. Kepha iny'indlela, leyo iyiZwi Lakhe.

32 Okunye-ke, uDavide lapha, siyabona ukuthi enhliziyweni yakhe wabefuna ukwenza into enhle. Wayengenayo inhloso embi noma impokophelo embi, kepha indlu—noma umphongolo weNkosi wawususiwe ku—kubantu; futhi wayefuna ukubuyisela umphongolo kaNkulunkulu endaweni yawo, ukuze abantu baxhumane noNkulunkulu mayelana nezinto ababezidinga.

33 Esikhundleni so—sokuwudedela uhambe, si . . . Ungathini uma ngabe uMfowethu uBlair noyise walomfanyana bathi, "Impela, kubi kabi umntwan'ulimele, wafa. Ngiyaqagela, kungenzeka kube into eyenzekile na?" Kepha baya ngokushesha kuNkulunkulu.

34 Ungathini uma ngahle umakotshana, nowakwakhe umfundisi weVangeli, ebusukwaneni obedlule noma ezinsukwini, ngenkathi lowomakotshana evandlazeka umgogodla ungasagobi . . . Udokotela wathi, "Uyoba inkubela kuze kube sekufeni." Kwakungaba njani uma indoda—uma owesifazane wayesethe, "Yebo, mtakwethu, sesiyovele sizibophezelele kulokho." Kepha ngokushesha bathatha izinyathelo ngakho; baya kuNkulunkulu. Kuningi esingakubala eBhayibhelini lapho okwakuthi uma abantu besenkathazweni, babikele uNkulunkulu.

35 Ngakho-ke, ngalezozinsuku babeba nendawo eyodwa yokuhlangana lapho babehlangana khona noNkulunkulu, lapho kwakuba semphongolweni ngaphansi kwegazi. Kuseyiyo leyondawo yokuhlangana nakalokhu, ngaphansi kweGazi. Isihlalo somusa sasifafazwa ukunikeza umusa kumkhonzi noma kumnxusi uma ezocela inkambo kaNkulunkulu. NoNkulunkulu wayeba nendlela ethize, indlela okwakumele uhambe ngayo—maqondana nalokho, futhi Wayengenakuyamukela enye into. Wayengenakuyamukela enye eyahlukileyo, kuphela yileyo Ayibekile.

36 Maduzane ngike ngashumayela ngodaba (abaningi benu bayalwazi), ukuthi okuyiyona ndlela ebekwe nguNkulunkulu lapho ehlangana khona nomkhonzi, kuyindawo Athi ngayo, "Ngiyakubeka iGama laMi." Uma singathola ibandla Abeke iGama laKhe kulo, khona-ke kungabe siyitholile indawo. Wathi, "Angiyikunibusisa kuwo wonke amasango, kuphela kulawomasango engibeke kuwo iGama laMi. Ngiyakulibeka endaweni eyodwa, kumele niNgifice khona; yiyona ndawo engiyakunifica kuyo." Sitholile-ke lapho Ebeke khona iGama laKhe. Kulapho kuphela-ke Ahlangana khona nokhonzayo; neGama laKhe lalinguJesu Kristu. IGama likaNkulunkulu linguJesu Kristu.

37 UJesu wathi, "Ngiza ngeGama likaBaba." Yonke indodana iza ngegama likayise. Naye ke wafika ngeGama likaYise. Futhi-ke alikho elinye iGama ngaphansi kweZulu elinikiwe ebantwini, noma ngabe okubizwa ngokuthi yiMethodist, iBaptist, iPresbyterian, iBandla likaKristu, noma kungenziwa ngani, iyodwa qhwaba indawo yokuhlangana lapho uNkulunkulu ehlangana khona nomuntu, kulapho nxa ekuJesu Kristu, okuyiyona ndawo. Nazo zonke lezizinto ezindala ezisemuva le eTestamenteni eliDala zifanekisa lokho. Ngithanda ukuba nikuqonde kahle. Manje, kuyisifundo sikaSonto Sikole. Futhi ngineminye imiBhalo namanothi alotshwe lapha phansi. Ngicabange ukuthi lokhu kuyonisiza ukuba niqondisise, njengalokhu zonke izinto ezindala zenzeka ukuba zibe yizibonelo kithina.

38 Manje, sithola ukuthi uNkulunkulu wayenendlela yokwenza izinto, kepha uDavide, engobusiswe nguNkulunkulu njengokuba wayeyinkosi, wacabanga ukuthi kumele kubekhona akwenzela uNkulunkulu noma ikanjani nje. Kepha akakufunanga ngendlela eyiyo.

39 Siyaqaphela, uNkulunkulu wembula iZwi laKhe esikhathini sonyaka sakhe asikhetha ngaphambili. Manje-ke, uMartin Luther wayengawazi kanjani uMlayezo wanamuhla na? I-Presbyterian ya. . . UMartin wa—noma ibandla eliKatolika lalingawazi kanjani uMlayezo kaMartin Luther na? UJohn Weseli wayengawazi kanjani uMlayezo ka Luther na? UWeseli wayengawazi kanjani uMlayezo wobuPentekoste na? Kumbe

wona amaPentekoste angawazi kanjani loMlayezo na? Niyabona na? UWembula ngezikhathi zonyaka zaKhe, ngoba uyiMbewu; ngokuya ikhula futhi ivuthwa Uyaye elokhu Ezembula.

40 Njengokushisa kwelanga kuvula. Uma lingakashisi lisekahle nje, liyikhulisa emhlabathini, imbewu, bese iveza amacembe ngokuya kwesigaba selanga. Ilanga elishisayo liyoyibulala uma kuyimbewu esavuthwayo noma kuyisikhathi sokuvuthwa. Ngakho-ke Ujikelezisa ilanga ajikelezise nemvelo ukuze kuhlangane neZwi laKhe. Ujikelezisa iBandla, abakhethiweyo, uMlobokazi, ukuhlangabezana nesikhathi sonyaka abaphila kuso.

41 Ngisho imvelo qobolwayo iyasitshela namuhla, njengoba sibona izizwe zehlukana, umhlaba uyacwila, isandla siyaloba odongeni. Sibona ibandla nezimo elikuzo. Sibona uMlobokazi nesimo akuso. Futhi siyazi ngokubuka imvelo ukuthi iBandla selimi ngomumo ukuba lihambe. Yeka lesosikhathi senkazimulo. Kuyisikhathi bonke abaprofethi ababelangazelele ukusibona, lelihora.

42 Manje, Wembula iZwi laKhe ngesikhathi sonyaka saLo kuphela. UMartin Luther wafunda lona leliBhayibheli njengoba senza. UWesley wafunda lona iBhayibheli njengoMartin Luther. AmaPentekoste afunda lona iBhayibheli esilifundayo. UJesu wafunda lona iBhayibheli abaFarisi abalifundayo, kepha babe. . .Bezama ukugcina uhlamvu luhlale lungakhuli kanti lwase luvuthwa, bahluleka ukubona ihora labo.

43 Manje uDavide wenze into enjalo lapha. UNkulunkulu wembula leliZwi esikhathini sonyaka esifanele nakulowo Amkhethele ukuLembula kuye. UNkulunkulu ukhetha lowo amkhethele ukuLembula kuye. Wakukhetha lokho ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Zonke izenzo Zakhe wazazi ngaphambili, zifihlakele kumuntu; Uzembula njengoba Ethanda. Kuyisikhathi sonyaka saKhe asikhethileyo, kumuntu waKhe amkhethileyo. Futhi Kakaze akhethe isigejane sabantu noma isigungu samasonto; kuba ngumuntu okhethiweyo. Ukwenza kanjalo.

44 Ngubani ongaba nesibindi sokuMqondisa athi, "Manje, Nkosi, Wenza iphutha ngokubeka lomuntu enkonzweni. Lomuntu kakholwa njengoba thina sikholwa." Ngubani ongatshela uNkulunkulu ukuthi Unephutha ekwenzeni lokho na? Kungasho ukuthatha isehluleki nje esinjengami ukusho lokho kuYe. Uyakwazi Akwenzayo. Uyamazi okufanele amkhethe nokungafanele amkhethe, ukuthi akenze-ni nokuthi akwenze nini. Akukhathaleki noma singacabanga ngokuthi ukhona umuntu okufundele ukwenza umsebenzi othize, uNkulunkulu uyazi ukuthi ngubani osifanele lesosikhathi nesigaba sonyaka, noma kuyiso yini isikhathi nesikhathi esiyiso sokukwenza.

45 Kanti-ke, oweqiniso umKristu weqiniso ngempela, ikholwa leqiniso ngokwempela kuNkulunkulu, liyalindela iNkosi ngalezizinto. Lindela entshumayelweni yakho. Uma uzizwela ubizo, yiba nesiqiniseko ukuthi kuvela kuNkulunkulu. Yiba nesiqiniseko ukuthi kuyikho. Yiba nesiqiniseko ukuthi okushoyo kukuso yini isikhathi esiyiso. IBhayibheli lathi,

"Abalindela eNkosini bayothola ukuhlunyeleliswa.

Bayokhuphuka ngamaphiko njengokhozi. Bayogijima bangapheli amandla. Uma behamba, abayikuquleka."

46 Qaphela uDavide, inkosi yakwaIsrayeli, engogcotshiweyo. USamuel wathela amafutha phezu kwakhe, futhi wayekhethwe nguNkulunkulu ukuba abe yinkosi wakwaIsrayeli. Khona-ke uDavide wathola lesisambulo ukubuyisa umphongolo weNkosi wenyuke uye emzina kaDavide. Manje, akukho okuliphutha, kepha uyabona, uDavide wakuthatha ngesinxele.

47 Manje, kubukeka sengathi uma umuntu onjengalowo angathola isambulo, umuntu omkhulu njengenkosi ekhethiwe kaNkulunkulu (inkosi enkulu jikelele kunawowonke asake abakhona emhlabeni ngaphandle kukaKristu, ngiqagele, kwakunguDavide, ngoba uKristu uyiNdodana kaDavide)... Manje, umuntu omkhulu kakhulu, esanda kugcotshwa, Ngokuvela kuNkulunkulu ngqo, waba nesambulo sokwenzela uNkulunkulu into ethize futhi efuna ukuyenzela uNkulunkulu, kepha isambulo sasiliphutha. Manje, lokho kuyinto enkulu. Kuzoqondana nesifundo sethu: *Ukuzama Ukwenzela uNkulunkulu iNkonzo Ungabizwanga Ukuba Uyenze*.

48 Qaphela, uDavide waba nesambulo. Futhi qaphela, kazange kube ngumprofethi uNathan-ael owaba nesambulo; kwaba nguDavide inkosi owaba nesambulo. Wayengazange uNathan-ael athintwe ngabo. Akazange ambuze uNathan-ael. Kodwa ngabe uke wabuka ku 1 IziKronike, wabuza ezinduneni zezinkulungwane nasezinduneni zamakhulu. Kazange abuze kuNathan-ael. Wabuza kubantu, wabuye futhi wabuza kubapristi nakochwepheshe kwezenkolo bangaleso sikhathi, ababhali nosiyazi. UDavide wabuza kuqala, wathi, "Ku—uma lokhu kuvela kuNkulunkulu, masehle sibuyise umphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu wethu senyukele nawo emzini, futhi masibuze kuNkulunkulu ngaphambi kokuba senze izinto."

49 Bathi ngezinsuku zikaSawule bashiya ukubuza

KuNkulunkulu ngo-m—m—mphongolo, iUrim—Urim Thummin; bayeka ukwenza lokho. Wayesethi uDavide, "Manje, masibuyele kuNkulunkulu, thina sonke. Masibuyele kokuyikhona khona. Masehle sibuye nomphongolo siwulethe lapha (ngamanye amazwi balethe ubuKhona bukaNkulunkulu, emzini). Masenze imvuselelo. Masibuyise abantu." Kodwa wayenesambulo, nokho esasibonakala sisihle, kepha kwakungesiyo intando kaNkulunkulu.

50 Esikhundleni sokubuza umthombo okwakufanele awubuze, wabuza ezinduneni zakhe, ngoba wabe eseyinkosi, walandela leyondlela yokucabanga, ukuthi izikhulu zezinduna nomuntu wakhe omkhulu . . .

51 Wayeseya ebandleni elikhethekileyo wabuza ukuthi bangayenza imvuselelo na; abapristi, ababhali, izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakhulu, wayesebabuza, "Bekuyintando yeNkosi lena na?" Bathi bekuyiyo. Kepha, niyabona, wehluleka ukubuza umthombo okuyiwona wona uNkulunkulu njalo asebenza ngawo (niyabona na?); wehluleka ukuwuthola.

52 Manje inhloso yakhe yayiyinhle. Injongo yakhe yayiyinhle. Isenzo sakhe sasisihle, no—kuletha imvuselelo kuwo umuzi, ukubuyisela abantu kuNkulunkulu. Kepha ka-zange abuze ngendlela uNkulunkulu ayemtshele ukuba enze ngayo. Niyabona na?

53 Naphezu kokuba bonke abantu bavumelana nabapristi no—kuthi inkosi yabe iqinisile. Babedinga ukuba umphongolo ubuyiselwe kuwo umuzi. Manje, babedinga uBukhona bukaNkulunkulu. Babedinga imvuselelo. Kepha uNkulunkulu wabe engakathembisi ukwembula iZwi laKhe esikhathini sonyaka saLo kubantu. Akethembisanga ukuLembula enkosini ngalesosikhathi sonyaka. Futhi uNkulunkulu akaguquki ngisho naka nci. Akakwethembisanga ukukwenza lokho.

54 Akukhathaleki noma kungabaqotho kangakanani, noma kungaba zinjongo ezinhle, noma kungaba izimpokophelo ezinhle, noma ngabe abantu bazifunisisa kanjani lezozinto, babone nesidingo sakho, kukhona intando kaNkulunkulu okumelwe kuhanjwe ngayo mayelana nalezizinto. Yilokhu engithanda ukuzimelela kukho. Ngifuna ukwenza lokhu ukuze nikubone uma—uma uMoya kaNkulunkulu uhlala kini. Futhi kungakho lokhu ngishikashika lapha isikhathi eside kangaka. Ngingadli isikhathi senu bakithi nina enilalele kuthelefoni nasembhobheni, kepha ngi—ngifuna nikubone. Uma nishiywa isikhathi, thathani amatape. Ukuze ku . . .

55 Akukhathaleki noma kudingeka kangakanani, noma ngabe bonke bayavumelana ukuthi kuyadingeka, noma ngabe lokho kuliqiniso kangakanani, noma kunjalo iyodwa into yokukuthola: Kungabe kuyintando kaNkulunkulu na?

Manje, uNkulunkulu akethembisanga ukuthi Uyokwembula izimfihlakalo zaKhe emakhosini akhe, Uyokwembula izimfihlakalo zaKhe kubantu baKhe.

56 Kufana nasesikhathini sikaMikaya, indodana kaImla. Njengoba kungathi sishiya, isihloko, kepha ngesinye isikhathi, kepha kungukuba siveze lokhu kube liqiniso kini, kuzwakale kahle kini, ukuze kunganiphuthi.

57 Kwakukhona ezinsukwini zikaMikaya . . . Wabe engumuntu ompofu, futhi wabe evela emndenini ompofu. Kepha uAhabi, inkosi yakwaIsrayeli, njengesizwe esingaphansi kukaNkulunkulu, wayenesikole esikhethekileyo futhi kunabakhethiweyo, abaprofethi abakhethwe ngabantu, bengamakhulu amane esikoleni. Futhi babengamadoda amakhulu. Babengesibo nje abaprofethi bamanga. Babengabaprofethi abangamaHeberu, amadoda impela. Base ke bebuza eNkosini ngawo lamadoda. Baprofetha. Kepha niyabo, ngenkathi sekudingeka amaqiniso ahlale obala, bonke babephume baphela eZwini likaNkulunkulu nasentandweni. [Akuthwetshulwanga itape—Umhl.]

58 Ngokuba uJehoshafati wehlela eJerusalema ukuyohlangana nenkosi uAhabi, base bembatha izingubo zabo, bahlala ngase—ngasesangweni, bamisa abaprofethi phambi kwabo. Okokuqala uAhabi wathi, "Sinendawo enhla laphaya eRamoti-Gileyadi eqinisweni engeyethu." Manje, lokhu kungu ISHO KANJE INKOSI; UJoshuwa walahlukanisela abantu walinikela kubo, kepha amaFilisti abe elidlile. Wayesethi, "Lapha abantwana bethu badinga isinkwa, asinalo izwe elanele ukuba sithole isinkwa; nesitha sethu, amaFilisti, ondla abantwana bawo, abahedeni, emhlabathini impela esawuphiwa nguJehova uNkulunkulu." Lokhu vele kuqondile. Bathi, "Silapha, abantu bakaNkulunkulu, sihleli lapha nabantwana bethu seswele; nesitha sethu sondlabantwana baso ngomhlabathi uNkulunkulu asibizela kuwo sisuka eGibhithe wasinika wona." Lokho kwasukumisa osiyazi benkolo, akunjalo na? Wathi, "Singenyuka silithathe izwe lethu uNkulunkulu asipha lona na?"

59 UJehoshafati wathi, "Yebo, ngizokwelekelela.

Singabafowethu. UseJudiya, nami ngi—ngiseJerusalema (noma-noma kambe ngiyaphambanisa na? Ngikholwa . . . Qha kuyikho, ngicabanga ukuthi uJehoshafati . . .). Noma kunjalo, uJehoshafati wayeyindoda elungileyo, inkosi, umuntu olungileyo owayeyithanda iNkosi, UAhabi wabelikholwa elisivivi. Ngakho babehlisela phansi, wayesethi uJehoshafati, "Lalela, ake sibuze eNkosini kuqala. Kufanele sikuthole lokhu." (Niyabo, ukuba uDavide wayenze njengalokhu kwenza uJehoshafati . . .) Wathi, "Besingekwenze lokhu na?"

Ngokushesha, engumIsrayeli, uAhabi wathi, "Impela. Nginamakhulu amane, amaHeberu njengoba nathi siyiwo, abaprofethi bamaHeberu behlelo lethu. Futhi ngizobabuza. Bangabaprofethi."

60 Manje, niyabo, lokhu . . . Uthi, "Kuyangidida mina, Mfowethu Branham. Umprofethi?" O, yebo! Ukhona owayekhona ngesikhathi sikaJeremiya owathi babeyohlala ezansi lapho iminyaka emibili. INkosi yatshela uJeremiya, amashumi ayisikhombisa. Wabeka ijoka entanyeni yakhe,

wayeselephula umprofethi, uHananiya. Kepha uyazi ukuthi kwenzekani kuye. O, yebo! Umele ukuhlala neZwi!

Ngakho-ke lababaprofethi base bekhuphuka, basebeprofetha, bathi, "Yenyukela; iNkosi inawe."

61 Nomunye wabo, ngikholwa ukuthi . . . Sengiyalikhohlwa igama lakhe okwamanje, isikhulu, uZedekiya, uma ngingaphosisi, wathi—wazenzela izimpondo zensimbi ezimbili wayesethi, "Isho kanje iNkosi, uthi ngalolu (manje, lowomuntu wayeqinisekile) uyakuqhubukusha isitha sakho sibalekele emazweni akubo bese uthatha lokho okungokukaNkulunkulu; k'nikelwe kuwe." Angikholwa ukuthi wabe engumzenzisi. Ngikholwa ukuthi wabe eyindoda elungileyo. Ngikholwa ukuthi bonke labobaprofethi babenjalo.

62 Nithi, "Babengababaprofethi?" Yebo! Khumbula, yena lowomuntu owavumelana nokubulawa kukaJesu Kristu waprofetha, ngoba kwakuyisikhundla sakhe. Wabe engumpristi omkhulu ngalowonyaka, njengalokhu wabenalesosikhundla futhi ebambelele kulesosikhundla, uMoya kaNkulunkulu wafika kuye. Kanti-ke lokho kwakungasho ukuthi wayesindisiwe noma okuphathelene nakho. Wayeseprofetha (uKayifase), ngokuba kwabe kuyisikhundla sakhe esakwenzayo.

63 Nalababaprofethi-ke, bengababaprofethi ngesikhundla sabaprofethi, baprofetha, noMoya kaNkulunkulu wafika kubo, umuntu onezipho zikaMoya.

64 Ngiyaqonda ukuthi ngikhuluma kumapesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye amaPentekoste, kepha umuntu . . . Ezikhathini eziningi umuntu, uNkulunkulu angakhuluma nabo, abaphe isipho, abantu bazimpintshele kulabobantu. Uma bengabizwanga ngokuphelele futhi bethunywe nguNkulunkulu, uyokwenza ukuba leyondoda noma lowo wesifazane asho into engesiyona intando Yakhe, ngoba abantu babaphoqela ukuba bakwenze.

65 Ngake ngambamba umfundisi wakithi omncane lapha kulokho. Phandle ehlathini lapha ngokunye ukusa, ngo 3 nqo ekuseni, wathi, "Hamba utshele uMfowethu Neville!" Ngiza kuwe, akunjalo, Mfowethu Neville na?

66 Wonke umuntu, "Mfowethu Neville, ngiprofethele. Ngitshele *lokhu* noma *lokhuya*." Niyabona? Uyombona ngokusho izinto zingenzeki. Labo abalinda baze bafumane ukuthi iNkosi ifuna ukwenzani. Niyabo?

67 Ngakho-ke nalababantu bafuqwa imizwa yokwenyama, "Lingelethu." Kepha niyabo, kabazange bathole iZwi nentando kaNkulunkulu.

68 Wayesehla uMikaya, waba nombono. Futhi wawuhlola kuqala. Niyaqaphela na? Wathi, "Lindani. Nginikeni lobubusuku. Akengithole, mhlawumbe kusasa

ngizoniphendula." Akasheshanga ukuthi, "ISHO KANJE INKOSI," njenganokuvumelana nabanye abaprofethi; wayesethi, "Ngiyakukhuluma kuphela lokho uNkulunkulu akushoyo." Futhi-ke ngosuku olulandelayo siyathola ukuthi uNkulunkulu wamazisa ukuthi kuyokwenzekani. Futhi-ke kwakuphambene ngempela nokwabanye. Sonke isikole, kwaphambana. Kwaze kwathi omunye wabo wasondela wamshaya ebusweni ngenxa yalokho. Kepha buka, walinda. Esekwenzile lokho, waqhathanisa isiprofetho sakhe, nombono wakhe, kanye neZwi elilotshiwe, futhi kwakuhambisana neZwi.

69 Uma umuntu ethi banesambulo sokubhaphathiza abantu eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, lokho kuphambene neZwi. Akukho namunye kubo osewake wakwenza. Uma bethi, "O, sizosukuma . . ." *Nalokhu, lokho, nalokhuya*, nokunjalo, kuphambene neZwi. Uma bethi abakholelwa ekutheni kukhona inzalo yenyoka, lokho kuphambene neZwi. Zonke lezezinye izinto, lokho kuphambene neZwi. Kumele kuhambisane neZwi nasesikhathini sonyaka.

70 Manje, ukuba uDavide wayekwenzile lokho. Umphongolo wawuzakuza, kepha hayi ngalesosikhathi. Yayingakabibikho indawo yawo.

71 Qaphela manje, ngenkathi behlela ukuwuthwala umphongolo, zonke izicukuthwane zathi, "Yiyonanto okufanele yenziwe impela, Davide. Inkazimulo mayibe kuNkulunkulu! Sidinga imvuselelo." Lelo kwakuliPentekoste lanamuhla impela—amaBaptist, amaPresbyterian. "Davide, uyinkosi yethu. Nina nonke . . . Induna *uSibani-bani*, noMeja *Sibani-bani*, noJenene *uSibani-bani* bayobe besemhlanganweni wakho. Kungenzeke ngani, bathi yiyonanto impela okumelwe yenziwe, Davide. Lonke izwe liyavumelana nawe." Kunjalo nanamuhla! Angilifuni izwe. Ngifuna uNkulunkulu, uma kungekhomuntu osukumayo.

72 UDavide wayenazo zonke izinduna. Wayenobudlelwano nezempi. Wayenobudlelwano nawo onke amahlelo, nabo bonke osiyazi bezenkolo, nabobonke—wonke umuntu evumelana naye. NoAhabi wenzenjalo, kanjalo nabanye emBhalweni; kepha wayengenaye uNkulunkulu, ngokuba wabe ephumile entandweni kaNkulunkulu. Ngiyethemba siyakuthola lokhu!

73 Qaphela! Benza konke abangakwenza ngokwenkolo. Kungenzeka—mhlawumbe ukuba babeka izaziso nakho konke: "Imvuselelo enkulu, umphongolo uzolandwa ubuyiswe. Sizoba nemvuselelo! Sizokwenza *lokhu*."

74 Qaphela, wathumela abahlabeleli. Wabuthela abamahabhu, abamacilongo, benza konke okuqondene nenkolo ababekwazi ukukwenza; kepha noma kunjalo uNkulunkulu wayengekho kukho! Sengathi siyakubona kuyaphinda futhi, ngabe asikuboni na?

75 Babuthela bonke abahlabeleli. Babuthela abadlali bohabhu, abafuthi bamacilongo, abesifazane, owesilisa, noma ngubani owayenokuhlabelela; babathatha bonke behlela nabo lapho, futhi bonke bahamba bezizwa benogqozi lwenkolo. Angithandi ukukusho lokhu, kepha kumele ngikusho: Anjalo nalamahlelo namuhla, amaPentekoste nabobonke, bahamba benogqozi lwenkolo lokuhlabelela nokumemeza.

76 Qaphela, uDavide wamemeza ngawo onke amandla akhe, futhi wampongoloza, futhi wagxuma, wahamba ezizwa egcwele inkolo yonke; kepha futhi noma kunjalo uNkulunkulu wayengekho kuleyonto. Nasenhlosweni yakhe, nasempokophelweni yakhe, nakho konke kwakulungile; kepha wakuphambanisa. Niyabona na? Wanyakazisa konke okuqondene nenkolo: wamemeza, wahlabelela, enabahlabeleli abakhethekileyo, abamemezi abakhethekileyo, nakho konke. Basina emoyeni. Benza konke okufanele inkolo.

77 Kufana namabutho ethu enkolo amakhulu esikhathi sethu. Babefuna ukuzuzela uKristu izwe. Ayikho into enjalo! Ezinkulu, isibhicongo sezimvuselelo, ezinkulu izinto ezenzekayo, uma bebeqonda, lezonsuku sezedlula. Selehlulelwe! Kepha bakha izindawo zempi yosindiso, izinhlelo, nakho konke; kepha imiphumela isafana nje naleyo yangesikhathi sikaDavide; ayizange isebenze.

78 Siyahamba sibe nemvuselelo. Okwethu okukhulu—abakhulu babanye babavangeli bethu namuhla, bathi banabaphendukileyo abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu emavikini ayisithupha; kothi emva konyaka sebebuyela lapho, bangabe besathola ngisho amashumi amathathu kulabo. Kukhona okungahambi ngakho. Kuyini na, kufana nse nalokho okwenziwa nguDavide. Izicukuthwane ezinkulu, abantu abakhulu, abashumayeli abakhulu, izikole ezinkulu, igunya elikhulu, kepha khona lapho basabuza ehlelweni elidala esikhundleni sokubuka ebusweni beZwi likaNkulunkulu babone ukuba ngabe sekuyiso na isikhathi sonyaka. Soze watshala ukudla okuthize kungakabi yiso isikhathi sakho onyakeni.

79 Manje, ake sibuke ukuthi kwenzekani. Naphezu kokuba u—ukushisekela kwabo inkonzo nakho konke kwabe kukukhulu, izinhloso zabo zazizinkulu, umbutho wabo wawumkhulu, ukuhlabelela kwabo kwakukukhulu, ukusina kwabo kwakukukhulu, ukumemeza kwabo kwakukukhulu, umculo wabo wawumkhulu; futhi babenomphongolo. Usizani umphongolo, ngaphandle kukaNkulunkulu na? Uyibhokisi nje lokhuni, nezibhebhe zamatshe ezimbalwa. Lokho kufana nalokhu-kuthatha iSidlo seNkosi, uthi ubhaphathiziwe. Kusizani ukubhaphathizwa uma ungaphendukile kuqala na? Kusiza-ngani ukuthatha iSidlo kepha ube ngumzenzisi, uma ungayiphili impilo khona-ke bese ukholwa yiwo onke amaZwi

kaNkulunkulu na? Uthathe ingxenye yaLo ungalithathi Lonke, kutshengisa ukuthi kukhona okuliphutha.

80 Manje, nxa konke lokhu kwenzeka . . . Akesibuke manje ukuthi kwenzekani uma uNkulunkulu nasonyakeni waKhe, esikhathini saKhe, enganakwa, kepha kunakwe abantu.

81 Abantu abaningi bake bathi kimi, "Kwenziwa yini ungezi kithi usenzele inkonzo na? Impela, siyakumema. Sayinda *lokhu, nalokho*, noma *lokhuya*." Ake nime! Ngingakuthanda, kepha kodwa uthini uNkulunkulu ngakho na? Abaningi abantu uthe kimi . . . Ngiyaye ngithole isimemo, ngike ngixoxe—ngixoxe okuqondene nomuntu ngamunye ngezinto ezithile—ngilinde kuze kuphele unyaka. Lindanini! Ngingazi kanjani ukuthi kufanele ngithini uma uNkulunkulu engakangitsheni ngokuthi ngikhulumeni na? Uyabo? Kumele ngilinde. Kungakho ngithe, "Kulobe ofuna ukukudalula, bese unginika ngizwe kuYe ukuthi utheni." Niyabo? Lindani. "Labo abalindela iNkosi bayothola ukuhlunyeleliswa amandla." Ingabe kunjalo na?

82 Qaphela, babuza kuphela kumpristi wangalelolanga, nakosiyazi bezenkolo, amahlelo. Futhi qaphela, ngokwenzenjalo, ukubuza kubapristi nokubuza inhlangano, ukubuza kubantu, bakwenza kabi.

83 Qaphela! UMphongolo wawuyiliZwi. Siyazi ukuthi lokho kuliqiniso, ngoba umphongolo unguKristu, noKristu uyiZwi. Niyabona na? UMphongolo noma iZwi alibekwanga endaweni yalo yokuqala, egcotshiwe, endaweni eyayiqalelwe igcotshelwe wona. O, ningabi buthuntu ukukuqonda lokhu, Bandla! Yonke into yabe iphelele, futhi konke kwakubukeka kukuhle, sengathi kwakuza imvuselelo enkulu; kepha ngenxa yokuthi behluleka ukubuza kumuntu okunguyenayena mayelana nalokhu . . . Babuza kumpristi, babuza ezicukuthwaneni, babuza kosiyazi bezenkolo, babuza kubahlabeleli, bahlanganisa konke nganhliziyonye, kanye nenhlangano enkulu yombutho, kanye futhi no—no nemibutho yesizwe; yonke into yayisesivumelwaneni mayelana nomhlangano omkhulu; kepha behluleka ukubuza kuNkulunkulu. Nanjengoba kwenza uAhabi; nanjengalokhu kwenza nabanye. Yeka lesosikhathi.

84 Manje, ungaphunduleki kulokhu! Behluleka ukukuthola, ngokuba babengabuzanga. Ngenxa yokwenzenjalo (bhekisisa!), ngokuya kumpristi, ngokuya kosiyazi bezenkolo, nangokuya embuthweni wezokuvikela, benganaki nakunaka isithunywa-esithunyelwe nguNkulunkulu sangalelohora, uNathani, bakwenza ngendlela okungesiyona. Bahamba bathatha umphongolo bawuthwala ngenqukumbana entsha, bawubeka enqoleni entsha (noma ihlelo elisha elizoqanjwa) futhi awuthwalwanga ngendlela eyayiyalwe nguNkulunkulu, indlela egcotshelwe ukuwuthwala. Kwakufanele uthwalwe

ngamahlombe amaLevi. Kepha niyabo, uma uqala ukweduka, uyoqhubeka nokweduka.

85 Uma inhlamvu iqondiswa lapho kufanele ishaye khona, bese uchezukisa umbhobho ngeqhezwanyana eliyinkulungwane zisuka nje, emayadini alikhulu usuke usuqheluke ngamayintshi amane noma amahlanu. Uqala ngokweduka. O, Nkulunkulu, sisize ukuba sazi ukuba lento yaqala ngephutha, lempi enkulu yosindiso yalelihora, njengoba bebizwa kanjalo.

86 UNkulunkulu akabuzwanga ngayo. Abapristi nabezenkolo babuziwe; inhlangano ibuziwe. "Yebo, ningathanda ukuba nalokhu okuthize-thize na? Ngiyakholwa ukuthi kungakuhle uma singaqoqa wonke umuntu ndawonye . . . " Ungaqoqeli bantu ndawonye! Buza eZwini likaNkulunkulu mayelana nalokho.

87 Khona sithola ukuthi uma bekwenza lokho, benzenjani na? Baqhubeka nayo leyonqubo yabo endala yenkolo ephambene neZwi likaNkulunkulu nentando kaNkulunkulu. Leyonto yafa eminyakeni eyadlula, lezozinto ezafa eminyakeni eyadlula.

88 Kwavele koma ngezikhathi zeNkosi uJesu. Kepha kabakwazanga. Wathi, "Uma benimazi uMose, beniyakungazi naMi, ngoba uMose washo ukuthi Ngiyeza."

Bathi, "Obaba badla imana ehlane."

89 Wathi, "Bonke bafile." "Ababoni!" Wababiza kanjalo, abaFarisi, abaholi benkolo. "Uma ningakholwa ukuthi NginguYe, niyakufela ezonweni zenu." Kepha abakwenzanga. Babebanjwe zindlela zabo. Bakwenza ngendlela yabo.

90 Wenzenjalo noDavide. Wakwenza ngendlela yakhe, ngakho wavele wathi, "Niyazi ukuthi ngizokwenzenjani na? Siyahamba." Wayenesambulo. "Siyahamba manje, ngakhoke sizokwenza ngendlela entsha. Izikhathi zezimangaliso sezadlula, ngakho sizozenzela enye inhlangano. Sizokhanda inqola entsha, futhi sibatshengise into entsha esiqalile." Nasoke isiprofetho samanga. Umele ukubuyela emuva wenze njengalokhu uNkulunkulu athi kwenze.

91 Babewubeka emahlombe omLevi, okusho ukuthi ngaphezu kwenhliziyo. UMphongolo, iZwi, alifanele ukuthwalwa ihlelo elisha, lithwalwe ngezifundiso zomuntu, kepha lifanele lingene enhliziyweni. IZwi likaNkulunkulu alifanele ukuphathwa ngamahlelo; kumele Liphathwe enhliziyweni yomuntu lapho uNkulunkulu engena khona abese Ezembula. Uma Elembula ngokweZwi, kosho ukuthi nguNkulunkulu. Uma kungenjalo, ak'sikho. Futhi, kumele kube yiZwi langalesosikhathi sonyaka.

Impela, umFarisi angathi, "Ubani owasitshela ukuthi singekwenze lokhu nalokho na? UMose wasinikeza lezizinqubo." Kepha UMose futhi wathi . . .

USathane wathi, "Kungangani kulotshiwe, uyak'yala izi . . . "

92 "Kulotshiwe futhi," kusho uJesu.

Inkathi yonyaka, isikhathi. "Uma benimazi uMose... Ninaye onilahlayo ngecala, uMose. Uma benimazi uMose, beniyakungazi Nami." Wathi, "Ngokuba uMose waloba Ngami: 'INkosi uNkulunkulu iyakunivusela umProfethi ngaphakathi kini wabafowenu; Yena-ke niyakumuzwa'." Uma babemazi uMose bebeyomazi naYe.

93 Manje, lalelisisani. Ningaphunyukwa yilokhu manje. Niyabo, okokuqala lapho bebuza kumpristi, bebuza kwabanesithunzi, bebuza kwabempi, bebuza kulo lonke ibandla, nabangomakhelwane ukubuthanela lomhlangano omkhulu owawuza, behluleka ukukwenza ngendlela efanele. Ababuzanga kuNkulunkulu, nangokwenzenjalo, bengabuyeli emuva babone ukuthi kwakuyisikhathi sini...

94 O, mfowethu, lalela! Yisiphi isikhathi esiphila kuso na? Yimuphi unyaka na? Yiliphi ihora esikulo na? Akusisona isikhathi salezizinto abakhuluma ngazo. Sesedlula. Ukwahlulela sekuseduze manje. Niyakubona sekuqala. Niyalikhumbula idwala phezu kwentaba na? Ihora lokwahlulela! Niyasikhumbula isambulo noma umbono ngoMlobokazi na? Mgcine emi manzonzo. NingaMdedeli aphume endleleni okuyiyonayona.

95 Qaphela, emahlombe ompristi. NoDavide nabo bonke abapristi okwakufanele impela bazi kangcono, kodwa kwakuyini na? Abapristi babefanele ukwazi kangcono bona. Ababhali, osiyazi benkolo babefanele ukwazi kangcono, ngoba iZwi lathi akungenziwa lokho.

96 Nanamuhla uma befuna ukuthi, "O, uJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade; lokho kungukucabangela nje; lokho *yilokhu, yilokho, nalokhuya*." Bayahluleka ukubona iZwi elithenjisiweyo. "O, kwakungokwezinsuku ezedlulayo."

UDavide wathi, "O, yebo, manje lindani kancane. Phezu kwamahlombe aba—abapristi, lokho kwakwenziwa emuva le kuMose mhla ephuma. Qha, thina, sizowubeka enqoleni entsha namuhla. Ngibe nesambulo sawo.

Umpristi wathi, "Ameni, Davide." Niyabona na?

97 Babeqhutshwa yinhlangano yabo entsha yebandla ukuthi kufanele bonke babuthane bese benza *lokhu ngale*ndlela na*ngaleya*ndlela, ikhona-ke okwafikisa abapristi kwangqingetshe. Kabazange babuze kumuntu ofanele. Abakwenzanga ngokufanelekile; ngakho, bangena enkathazweni. Yebo!

98 Ngiyesaba ngezinto eziningi zanamuhla...Kwathi umfundisi omkhulu, omunye wamaPentekoste amakhulu kakhulu wama phambi kwesixuku samakholwa ngobunye ubusuku eChicago...Ngangifanele ukubakhona

kulowomhlangano nosomaBhizinisi, kepha ngacabanga ukuthi ngiyobe ngiseAfrika ngalesosikhathi; kepha ngabuya ngaphambi kosuku lokuba uqalwe. Base beqoka omkhulu ohlakaniphile wePentekoste, wasukuma wabatshela ukuthi lenhlangano enkulu ingekaNkulunkulu. Wathi bonke bazobuyelana; ngisho nebandla eliKatolika lizobuyela esimweni salo sakuqala, bonke bekhuluma ngezilimi bethi zingumphumela walokho nokunye. Kepha engazi ukuthi lokho kungunoxhaka kadeveli!

99 Kwathi umuntu engangingamazi . . . Kuyenzeka utshale imbewu. Kepha ungazi ukuthi kuyokwenzekani. Kepha umengameli wosomaBhizinisi beFull Gospel, kwathi nje angahlala phansi lona omkhulu owayekade ekhuluma, wayesethi, "Angifanele ukukhuluma kabi ngezikhulumi zethu, kepha lokho akusikho ngendlela athi kuyokwenzeka ngayo uMfowethu uBranham. Kepha wathi lokho kuyoholela ophawini lwesilo."

Wayesethi, "Kodwa uMfowethu uBranham akakwazi akhuluma ngakho."

Wathi, "Siya-kholwa ukuthi uyazi."

100 Kanti-ke eChicago babuza bangaki lapha abangathanda ngenyukele ngiyobachazela ngalokhu? Baqala ukukhamuluka nokumemeza. Niyabo, utshala izimbewu. Kepha ungazi ukuthi kuyakwenzenjani. Wena qhubeka nokutshala iMbewu. Lapho lelohora selifika abanye babo . . .

101 Njengo Tomase, waba ngowokugcina ukubona iNkosi, kepha kwakumele aMbone ukuze aMkholwe. Uyabona na? Lapho bebona kwenzeka, o, wangena uTomase, kepha wephuza ukufika.

102 Manje, lapho bebona izinto ezabikezelwa bethi futhi ISHO KANJE INKOSI kwenzeka, bese bethi, "Sinikeni nathi emafutheni enu." Niyabo?

103 Kepha manje, qaphela injwayelo. Mhlasimbe amadoda amakhulu abuthana ndawonye. Ubezwe bethi kukhona OSibani-bani abakhulu noSibani-bani abakhulu, abakhulu bethu . . . Ningalokothi nikwenze lokho. Abekho abakhulu phakathi kwethu, Munye kuphela omKhulu, nguNkulunkulu. Singabafowethu, odadewethu. Angikhathali noma ungumelusi ebandleni elinabantu abahlanu kulo, lokho akukwenzi ube ngomncane; lokho kukwenza ube ngumfowethu (niyabo?), uma uqinisekile eZwini likaNkulunkulu. Angikhathali noma ngabe kuyini, kanjani, awubi mncane. UNkulunkulu aka nabo abantwana abancane nabantwana abakhulu. Unabantwana nje kwaphela, futhi-ke bonke bayafana.

104 Qaphela, uNkulunkulu Luqobo uqhamuka ezindaweni eziphakemeyo eNkazimulweni ukuze azoba ngomunye wethu. Manje ubani ke omkhulu na? Akathatha . . . Zanga lapha phansi

ukuzothatha isimo sompristi, kepha waba yinceku futhi wageza lona lolobumba Abeludalile, izinyawo zabapostoli baKhe e. . . Manje-ke ubani omkhulu na?

105 Kepha lamadoda, ayesengenwe yinjwayelo. Awaqondanga. Acabanga ukuthi kwakuzokwenzeka into entsha (qhabo), into ayengashongo uNkulunkulu ukuthi yabe izokwenzeka. Bayithatha ngesinxele. Yikhona-ke lokhu okwenza wonke lomndlandla lapho ku—kwaqaleka le emuva endulondulo, ngalinye ihlelo laliba noMelaphi walo; ihlelo ngalinye libe *nalokhu, lokho* noma *lokhuya*. Ihlelo ngalinye libe noDavidana walo. Ngalinye libe *nalokhu, lokho*, noma *lokhuya*. Niyabona ukuthi kwenzekani na? Kwenzeka yona lento eyenzeka lapha. Yona lento. Injwayelo . . .

106 IZwi lesikhathi sonyaka, isikhathi ababephila kuso abasazanga.

107 Qaphela, amahlombe omLevi yiwona ndlela eyahlelwa nguNkulunkulu ukwenza lezizinto. Bethwala lowomphongolo emahlombe omLevi. Okunye ngaphandle kwalokho kwakuphambene. Akushoyo, kuyilokho Ayekuqondile. UNkulunkulu angeguquke. Kungalesosizathu kumelwe kuhlale neZwi laKhe.

108 NgineZikronike zokuqala 15:15, uma uthanda ukuzibhala phansi. Qaphela, manje qaphela, lapho ekulandeleni uNkulunkulu . . . Manje, ngithanda ni—nilobe lokhu emqondweni wenu. Ukuze nigcine imiyalo kaNkulunkulu, ukuze kwenzelwe uNkulunkulu noma yini elungileyo, ukuze senze—senze inkonzo ngokufanelekile, kuhlanu okufanelekile, ukuze umuntu enzele uNkulunkulu inkonzo ngokuyikho.

109 Manje, uDavide wayenzela uNkulunkulu inkonzo. Wenza ngayo yonke indlela azi ngayo, ngaphandle kokuthi nje washiya uNkulunkulu. Niyabo? Wayenza into eyabe ilungile, into eyayiyinhle kubantu, into eyayiyinhle ebandleni.

110 Kepha kunezidingo ezinhlanu; yizo engithanda ukuba nizikhumbule. Akukhathaleki noma umuntu angabaqotho kangakanani ekukwenzeni, ukwenzela uNkulunkulu inkonzo, lesi—kumele zibekhona lezizidingo zonhlanu:

Okokuqala, kufanele kwenzeke ngesikhathi saKhe.

111 Kwakuyothiwani uku—ukuba uMose wayengafika, athi, "Sizofika sizokwakha umkhumbi sintante emfuleni iNile nanjengalokhu kwenza uNowa na?" Isikhathi sikaNowa sasiwulungele umkhumbi, kepha qha isikhathi sakhe.

112 Ukuba-ke uJesu wafika, wathi, "Manje-ke ngizonitshela ukuthi sizokwenzani. Sizovele sikhuphukele entabeni njengalokhu kwenza uMose simemezele ngemithetho emisha?" Niyabo? Qha, qha! Yena wabe-yilowomthetho. Niyabo? Kumele

ubesesikhathini saKhe. Kufanele kubesenkathini yonyaka yaKhe. Manje nikutholile lokho na?

113 Kufanele kube sesikhathini saKhe. Kufanele kube senkathini yonyaka yaKhe, isikhathi nenkathi yonyaka, futhi kufanele kube ngokweZwi laKhe elikhulunyiweyo. Kufanele . . .

114 Angikhathali noma ungakubeka kahle ngokuthi lokhu kufanele kube kanje, nalokho kube kanje, noma nalokhu kufanele kube kanje, kufanele kuhambisane neZwi laKhe, kube ngesikhathi saKhe nangenkathi yonyaka yaKhe; futhi kufanele kuvezwe yilowomuntu Amkhethileyo ukuba akwenze ngaye.

115 Anginandaba ukuthi bangabantu abakhulu kangakanani. Nanso inkosi uDavide nayo eyayinkulu njengabanye babo. Wabe-yinkosi phezu kwesizwe. Kepha Wabe-nendlela yokukwenza, futhi Wabe ebatshelile ukuthi uyokwenza kanjani. Kepha behluleka ukukwenza.

116 Kufanele kuye ngokweZwi laKhe, kuye ngesikhathi saKhe, kuye—ngohlelo lwaKhe; futhi kumele kube ngomuntu Amkhethile ukuba akukhulume futhi akwenze.

117 UMose wazama ukukubalekela. "Thath'omunye!" Kepha uNkulunkulu wabekhethe uMose ukuba amsebenzele. Iningi labo . . . uPawulu wazama ukukubalekela, nabanye abaningi. Kepha kumele kube yilowo Amkhethayo ukwenza umsebenzi. Futhi kumele kuqala kufike kubaprofethi baKhe. IZwi likaNkulunkulu kufanele lifike kubaprofethi baKhe, Amose 3:7, "INkosi uNkulunkulu ayenzi lutho Ingakakwambuli kuqala encekwini yaYo umprofethi." Kune.

118 Nomprofethi umelwe abe ngofakazelwa yiZwi likaNkulunkulu.

119 Nazo-ke izidingo zakho ezinhlanu. Kumele kuhambe ngaleyondlela: Isikhathi saKhe; inkathi yonyaka yaKhe (uma Esho ukuthi kuyakuba nini); kanye nomuntu Amkhethile, futhi kumele kufike kumprofethi; nomprofethi umele abe ngumprofethi ofakazelweyo. Sithola iningi labo eBhayibhelini lifika kubaprofethi kepha lalingafakazelwe. Umprofethi wethu nguJesu Kristu.

120 Manje-ke qaphela. Uyabo, uNkulunkulu wayengakayembuli lento kubona ngendlela yaKhe esunguliweyo yokukwenza. Basebemukele indlela kaDavide. Base bemukele indlela yompristi. Base bemukele indlela yababhali, kasiyazi wezenkolo, kepha kungengandlela kaNkulunkulu. UNathaniyeli wa—wabe-ngumprofethi wangalelolanga. Kamuva uNathaniyeli wabatshela ukuthi kabenze kanjani. Kepha buka bakwenza ngaphandle kokuthinta uNathaniyeli. Akukho-zwi elikhomba ukuthi uNathaniyeli wabuzwa. Konke ukududana, baqhubeka ngedumela elikhulu . . . Futhi, o, ngicabanga ngaleloculo:

Ngi—ngigcine, ngisize, Nkosi, lapho izinhliziyo zivutha amalangabi,
Mangithobe ukuziphakamisa (ukuhamba nabasele babo) ngibize kuphela igama laKho;
Ngifundise ukunganciki kokwenziwa ngabanye,
Kepha ngilindele ngomkhuleko impendulo kuWe.

Kukanjalo nje. Mangikubone kwenzeka ngendlela okuyiyonayona, khona-ke kuyakholeka.

121 Manje, uNkulunkulu wembula into kubona ngoDavide, nangabafundisi, nangabantu, nangezinduna zezinkulungwane, nangezinduna zamakhulu, kepha hayi ngoNathaniyeli owayeno ISHO KANJE INKOSI. Futhi iNkosi yathi Ayikwenza lutho Ingakakukhombisi kumprofethi wesikhathi kuqala ukuthi akenzeni. Buka abakwenzayo? Baphuma baphaphalaza eZwini likaNkulunkulu, bahamba babeka umphongolo enqoleni entsha. Niyabona na? Bahamba bakwenza ngokwahlukile emyalweni kaNkulunkulu endleleni ayilungisileyo uNkulunkulu . . . Kwenzeke kanjalo nanamuhla, bangani. Kungakho sinamabutho amaningi kangaka athi alwela inkolo nokunye kepha akukho miphumela. Kwanda ukungakholwa, kwanda isono, kwanda . . . ngiyanitshela, lesisizwe ayisekho indaba yaso, kungesiso lesisizwe sodwa, kepha nezinye izizwe. Lesisizwe njengeNgilandi eminyakeni eyadlula sibe yisifebe sazo zonke ezinye izizwe.

122 Phansi le eMozambique, kubantu abaqhele kude ngamamayela angamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili empucukweni, kwahlongasibi, okungabantwanyana okugqoke kwesingezansi kulalele umculo kaElvis Presley, kunqekuzisa amakhanda kugxumagxuma kanjeya ubusuku bonke kuhleli—leyonjejane ihamba inkulungwane yamamayela iya le eRhodesia ukuyobona uElvis Presley. Kepha bathi, "Ulikholwa impela, yena, noPat Boone nabanye." Yini na, kunguJuda walelihora, kepha akazi. Lokho-ke kuyingxenye embi. Bakholwa ukuthi—bahamba kahle. Akashongo yini uJesu kuleliBandla loNyaka weLawodekiya ukuthi, "Unqunu, ungowokuhawukelwa, ungolusizi, uphumputhekile, kepha awazi?" Awukwazi lokho!

123 Yebo, abantwana bamaPentekoste ezansi eAfrika nasemaphethelweni, bathi, "Impela, uElvis Presley, ucula kamnandi ngendlela engakaze ibonwe." Akungabazisi kufana nse nalokho okwenziwa uDavide futhi; akungabazisi kufana nalokhu okwenziwa ngabahlabeleli, kepha kwaletha ukufa okwahlasela inkambu. Niyabona lapho be—lapho sikhona namuhla bangani na?

124 Amahlombe omLevi ayeyiyona ndlela kaNkulunkulu yokuqala yokuwuthwala, kepha base bewubeke enqoleni entsha. Manje-ke, ngeke kuze kusebenze. Kazange babuze ngendlela efanele. Niyabona? Ngakho baya ukuyowulanda kepha ngendlela okungesiyona, kwenzeke lokho-ke nanamuhla.

125 Uma umuntu, akukhathaleki noma ngabe angaqotho kangakanani, azame ukuMkhonza kungengandlela yaKhe ayiqokileyo yokukwambula, bavama njalo ukuyingcolisa. UNkulunkulu uyibeka ngendlela yaKhe. Bakwethu, noma ningaqotho kangakanani nizame ukwenza ngaphandle kokuyikho, ni—niyokuhlanekezela.

126 NjengoBalamu wayenjalo osukwini lukaBalamu. UNkulunkulu watshela uBalamu, lowomprofethi... Wayengumprofethi, umprofethi uBalamu. Wayengumprofethi, neZwi lafika kuye impela, lathi, "Ungehleli lapho. Bangabakhethiweyo baMi; Bangabaqokwe yiMina."

UBalamu wayesehlangana nabagqamile, abezempi, abashumayeli, onesithunzi; wayesethi, "Nempela, ngi—ngiyanitshela, inkosi izo..." Niyabo, kufana nakuDavide, kufana nanamuhla, konke kuyafanana uzokubona futhi. Niyakubona, thanini, "Ameni!" [Ibandla liyaphendula, "Ameni!"—Umhl.] Niyabo, niyabo? Kunjengoba kunjalo namanje.

127 Kepha—aba aba—abafundisi bathi, aba—aba—aba—aba—aba—abapristi bathi, ababhali bathi, osiyazi kwezenkolo bathi, "Iyona ndlela okufanele kwenziwe ngayo." Kepha kwakungesiyona! Futhi kwafakazeka ukuthi kwakungesiyona.

128 UNkulunkulu wayesemtshela uBalamu—ukuthi wab'engumprofethi okokuqala—wamtshela wathi, "Ungehleli lapho!"

129 Kepha ukwejwayelana nalan'amany'amadoda kwamenza akuphambanise nalokho akutshelwe nguNkulunkulu ukuba akwenze, kwase kuphenduka isiqalekiso esikhundleni semvuselelo. O, impela, wehlela lapho wayesefundisa abantu, ethi, "Manje bhekani! Lindelani! Niyazi ukuthini?" Wathi, "Singa—singamaMoabi. Niyakhumbula, indodakazi kaLoti iyindlovukazi yethu. Sadabuka kuyo. Sonke singabagazi linye. Sonke...Sonke thina mahlelo siyefana." Ungalokothi uzihlanganise naleyonto. Deda lapho. Uyabo? Ngakho wathi, "Sonke siyefana. Kungangani, abantu bakho banjengabantu bami. Singaganiselana omunye nomunye, ukuze sibe nenhlangano kazwelonke uqobo. Niyabo? Sonke singahlangana ndawonye sibuyele kokwendabuko futhi." UNkulunkulu wayeseyiqalekisa leyonto. Lesosono zange sithethelelwe kuIsrayeli. Sahlala nabo izinsuku zonke zabo. Zange sithethelelwe. Babhubha naso ehlane (kunjalo!), ngoba

bengayithathanga indlela eqokwe nguNkulunkulu ngendlela elungiswe nguYe yokwenza.

130 Qaphela, lento abayenzayo yenza ukuba uIsrayeli afe ukufa ehlane, wayesethi uJesu, "Bonke babhubha baphela." Qaphela ukuthi ngubani owama noMose emuva le, nguJoshuwa noKaleb no—nohlelo.

131 Qaphela futhi, nangu uDavide, nakwenzayo. Esekwenzile, kwenzani na? Kwabangela ukufa okwashaya umuntu oqotho. Ngikholwa ukuthi sisabambekile kulokho, futhi ngithanda nizwe nani enikude. Lento eyenziwa nguDavide engabuzanga kuNathaniyeli athole neZwi leNkosi mayelana nalokho, kwabangela ukufa kushaye abantu abaqotho. Yebo, wabeka isandla sakhe lapho, obekade ehlala phambi komphongolo, waphuma e—ndlini yakhe. Inkabi yase ishelela, umphongolo wase utsheka.

132 Sebekwenzile vele okukodwa okuliphutha, izinto ezimbili eziliphutha. Okokuqala, zange babuze kuNathaniyeli. Into elandelayo abayenzayo, behlela lapho bengabuzanga eZwini likaNkulunkulu elabe li—uSamuweli wayeyiZwi langalolosuku. Kabazange babuze eZwini leNkosi, ngokwenzenjalo, baphambana neZwi likaNkulunkulu. Nangu lomuntu olungileyo, owabekade—ngumbheki-wabe-ngumbhishobhi-wacabanga, "Qha lapha, angithandi ukuba uNkulunkulu enzeleke phansi." Ngakho wabeka isandla sakhe emphongolweni, kanti wabengesiye umLevi, wayesefa—izinto ezintathu.

133 Manje cabangisisa ngempela qaphela okwenziwe ngamahlelo namuhla. Buka? Bakuphikile, bakubiza ngemfundiso yamanga. Uyabo? Buka ukuthi bakuphi. Bayovumelana nenhlangano yabo kazwelonke. Bakubiza ngomqondo wokuzicabangela komuntu, lapho uNkulunkulu eKubonakalisa Luqobo ukuthi kuliQiniso futhi ekufakazisa ukuthi kuliQiniso. "O, bayisixukwanyana nje sezilima enhla laphaya," bathi; "abakwazi abakhuluma ngakho." Kunjalo; kasazi. Kepha sisho amazwi aKhe nje, Yena-ke Uyazi ukuthi ukhuluma ngani. Niyabona na? Angikwazi ukuKuchaza, akukho omunye ongalokotha, kepha U—U—UyaKufakazela.

134 Manje qaphela. Ngokuvamisile ikholwa eli qotho namuhla eliza kuKristu, lifuna ukuza ngenhliziyo yalo yonke, imvamisa libulawa kanjalo ngokomoya. Abantu abaqotho abaningi baya eBandleni eliKatolika benokufuna ukuba ngumKristu, baya eMethodisti, eBaptisti, kwiBandla likaKristu, futhi namaPentekoste imbala (niyabo?), ufuna ukuba ngumKristu, ubeka isandla sakhe kulo, azihlanganise nabo.

135 Lapho uDavide esebone lokhu kwenzeka, kwamphaphamisa. Ungaphaphami isikhathi sesedlulile lapho, mfowethu. Wakubona ukufa ukuthi kwashaya. Ngikhombise

imiphumela. Kwenziwe yini lokho okubizwa ngokuthi imvuselelo kepha kubuyisele abantu emuva emasontweni kwenziwe esizweni e—emzimbeni wamakholwa na? Akulutho ngaphandle kokuthi kwenziwe yizinhlelo ezintsha namahlelo kusukela kudala, kwandiswa amalunga nokunye. Ngabe isizwe singcono na?

136 Bathe bazo. . . iMelika—"Nkulunkulu busisa iMelika, iyi—iyisizwe, iyizwe lamaKristu." Iqhele ngamamayela ayisigidi ekubeni yizwe lamaKristu! Angilokothi ngisho ukuyikhulekela. Ngingayikhulekela kanjani, uma ingakwazi ukuphenduka phansi kwalamandla amakhulu kaNkulunkulu ebonakaliswa phambi kwayo, futhi iphika, futhi ivala iminyango kuwo, isuke ihambe na? Ngiyinikela kuNkulunkulu. Kepha iqhela kakhulu, manje isizocwila. Bheka nje ukuthi kwenzekani.

137 Abantu abaningi abaqotho bahamba bazihlanganise nenhlangano, noma isixuku, noma inkolo ethize yokunye, laphoke bayafa ngokomoya. Akukho ongabatshela khona. Ingeniswa shi lento kubona: "Kungaba kanjani, laba babhishophi basho *lokhu, nalona* washo lokhu; *lona* washo lokhu." Batshengise khona lapha eZwini likaNkulunkulu lapho kuthi khona ISHO KANJE INKOSI, "Kepha umfundisi wethu. . . " Anginendaba ukuthi umfundisi wenu uthini, akunandaba ukuthi ngithini, noma ubani omunye usho utho. Uma kuphambene neZwi elibonakalisiwe likaNkulunkulu, lalelihora, lalesisikhathi, uMlayezo, nokunye, khohlwa yileyonto! Suka kukho. Futhi ngimele ukuma phambi kwenu nonke ngosuku lokwahlulelwa, futhi niyakwazi lokho. Lokho okuncanyana engingakusho, njengoba ngazi ukuthi sengimdala manje. Ngizo. . . Akukho ukuthi kukhona engikwaziyo, kepha Uyazi. Ngilandela kuphela lokho Akushilo.

138 Buka namuhla kulemibutho emikhulu yamakholwa esike sabanayo kulolonke izwe; kuvele obala ukuthi kube yize. Akashongo yini uJesu lapha manje, kuLuka 7:7, "BaNgikhonza ngeze (uDavide wawukhuphulela ize umphongolo. UAhabi wabaqeqeshela ize abaprofethi. UBalamu wayithathela ize leyomali!), befundisa imfundiso eyimiyalo yabantu?" Imiyalo kaNkulunkulu esebenzayo. Akukhathaleki . . .

139 "Labobantu impela bangabaqotho." Nivamisile ukukuzwa lokho. "Baqotho impela." Lokho akuthi shu. Ofakazi bakaJehova, amaSeven Day Adventist, nazo zonke lezonkolonkolo baphumela emgwaqeni benze izinto abanye bethu abangenakuzenza. AmaKatolika ama ekhoneni enxusa no kunye, lezonhlelo ezinjalo, futhi banezigidigidi eziphindwe kazigidigidi zaphindwa kazigidigidi zamadola, kepha noma kunjalo basayicela. Baqotho, akungabazeki. Amasonto ayahamba a—ashumayele njalo njalo, nabefundisi bama epulpiti benze konke abangakwenza ukuze bathole amalunga amasha esontweni labo; kepha kungumphongolo omusha.

Munye kuphela uMphongolo odinga ukulandelwa; lowo yiZwi likaNkulunkulu. Noma yini ephambene nalowoMphongolo, suka kuyo; usenqoleni entsha awukho emahlombe kaNkulunkulu. Kunjalo. Suka kuleyonto. Ungabinamsebenzi nayo.

140 Impi yethu enkulu yosindiso, izigidigidi nezigidi zizivumile izono. Ngiyangabaza ukuthi basangatholakala na abalikhulu kubo sebebonke. Niyabona na? Akuthi shu. Manje-ke buka eZwini lesethembiso.

141 Uzocabanga ukuthi lokho kwehluleka, nathi siyazi ukuthi kwehluleka. Abanye ba—babavuseleli bethu abakhulu kulelozwe namuhla bathi kwehluleke udede. Ibandla liyazi ukuthi kwehlulekile. Wonke uwonke uyazi ukuthi kwehlulekile. Kukahle, kungani na? Kwehlulekelani na? Kungenxa yenhloso enhle; kwakwenzelwa ukusondeza abantu phambi kukaNkulunkulu, abavikeli abakhulu benkolo. Izigidi zabantu zichithe imali yazo kubalweli benkolo, namabandla onke aqoqane ndawonye, amahholo amakhulu, nezinto ezinkulu, nezinto ezinkulu ezenzekayo; kwehlulekelani na? Kungokuba abalazanga ihora ababephila kulo. Akumangalisi uJesu asukuma, nasenhliziyweni yaKhe Wakhala; izinyembezi zehla ezihlathini zaKhe, Wayesethi, "Jerusalema, o, Jerusalema, bengifisa kangakanani ukunifukamela njengesikhukhukazi emachwaneni aso. Nakhanda ngamatshe bonke abaprofethi engabathumela kini. Kepha anivumi. Kepha manje ihora lenu selifikile."

142 Kawuwuzwa uMoya oNgcwele ububula phakathi kwakho na? "O, Lizwe laseMelika nomhlaba, bengifisa kangakanani ukunibutha, kepha kanivumi. Manje, ihora lenu selifikile. Unkulunkulu wenu wenjabulo, unkulunkulu wenu wamanyala, unkulunkulu wenu oyiGomora neSodoma, ofike phakathi kwenu. . ." Ngisho nabantwana bethu, sebegundisa okwabadansi benze neziphomoliya izinwele zilengele phezu kobuso, sekuqala khona kusekuncane ukuphambuka. Abesifazane bethu sebephelile! Abasenakuhlengwa. Izinsizwa zethu seziphenduke ezinkulu izitabane, behambahamba ngezikhinjana beziphathisa okwentombazane, nezinwele ezishaya ezintanyeni, ne. . . SingamaSodoma, nomlilo nolaka lukaNkulunkulu lusilindele.

143 Niyazi ukuthi Uyobulala kanjani, Uyolibhubhisa kanjani na? Ngalendlela Ayehlale enza ngayo. Lapho isifebe senze okubi, sasigxotshwa ngamatshe size sife. Bathatha amatshe ukubulala owesifazane owayeyisifebe. Uyolibulala kanjalo nebandla. IBhayibheli lathi Uyonisa isichotho samatshe sivela emazulwini, siyosinda ngekhulu lamaphawondi sisinye, khonake Uyakubagxoba. Ubani oyakuMvimba na? Ibuphi ubuchwepheshe obungathi ngeke kwenzeke? Uyokwenza njengoba Enza umkhumbi wantantisa

uNowa ukumhlenga; Uyokwenzela iBandla laKhe futhi. Nangemithetho yaKhe nangendlela yaKhe, Uyos'khanda ngamatshe lesosifebe esaphinga namakhosi nezinduna zamakhulu nezezinkulungwane. Uyos'khanda ngamatshe size sife ngemithetho yaKhe Ayihlelileyo. Ubani ongaMtshela ukuthi ngeke Anise isichotho na?

144 Buza noma ubani owazi ukuthi ithonsi lemvula liqala kanjani, bese lenza isizingelezi, bese libuyela emuva emoyeni bese landa lande lize libe nesisindo esithize, bese liyehla. Yena-ke, UNkulunkulu, Ongadonswanga amandla alomhlaba kepha Wenyukela phezulu eZulwini, uNkulunkulu, owenza uzibuthe womhlaba, angenza futhi omkhulu kakhulu umoya ukuphendula itshe lize libe isisindo esingamaphawondi alikhulu. Uthe Uyokwenza, futhi uYokwenza. Ubani oyoMtshela ukuba angakwenzi? Uyokwenza, ngokuba Uthe Uyokwenza.

145 Sisezinsukwini zokugcina. Simi duze nokwahluleiwa. Yini na? Bazama ukudla imana endala eyawa emuva le eminyakeni engamashumi amahlanu eyadlulayo, ibandla lasePentekoste. Ibandla iHoliness lizama u—phezu kweminyaka engamakhulu amabili eyadlula, amaLuthela cishe iminyaka engamakhulu amathathu kumbe iminyaka engaphezulu eyedlulayo, amakhulu amaningi eminyaka eyadlulayo. Bazama ukudla imana endala. O, mfowethu, leyonto isikhuntile. Seyonakele. Iyo . . . Izo—Izo—njalo ngiyaye ngithi—isinezibungu, izimpethu. Leyonto iyokubulalala uma uyidla.

146 Thola ukuthi ukuba uDavide kumbe noma yimuphi kubo owayeyobuza kuphela esiNkweni sehora. Uma abapristi, nabaprofethi, nabashumayeli, nosiyazi bezenkolo, nezikole, namahlelo babebuze kuphela ehoreni, kepha manje akusenakubasiza. Sekusukile. Akunakusiza ngisho naka nci. Selihambile manje. Seledlule kulowomugqa cishe eminyakeni emihlanu eyedlule, phakathi kokuphenduka, ukwahlulelwa, nomusa.

147 Qaphela, kulandelani manje? Kungenziwa njani na? Kufanele kwenziweni na? Asibuze kumprofethi, iBhayibheli, lapho khona singenakwenezelela kuLo noma siphungule kuLo. Uma sikwenza, uNkulunkulu uyasisusa eNcwadini yokuPhila. IBhayibheli lasho kuMalak 4 ukuthi kuyokwenzekani kulesisikhathi namhlanje, iSambulo 10, siyachaza ukuthi ziyovulwa kanjani iziMpawu eziyisiKhombisa kwembulwe futhi zonke lezizimfihlakalo ebekade zifihliwe kulababalungisi besimo sevangeli. Washo wathi kuyokwenziwa kanjani. KuseBhayibhelini, ISHO KANJE INKOSI. Ngokugcwele, okuphelele uNkulunkulu ubonakalisile loKho wakuveza KuyiQiniso ngezibonakaliso, izimangaliso emazulwini nasezibhakabhakeni, nakho konke okunye iminyaka engamashumi amathathu. Ucabanga ukuthi bayolalela kulokho

na? Qha, bafile. Babeke isandla sabo entweni ebulale konke. Qhabo, ngeke—ngeke, akusophinde.

148 Kulapho lento yenzeka khona khona-ke uDavide wabona. O, Nkulunkulu, sithumelele onjengoDavide yena ozobona lapho emi khona, ozobheka abone uNkulunkulu owenze isethembiso e—ukuthi Uyokukwenza kanjani namuhla. UNkulunkulu ushilo lapha eZwini laKhe ukuthi Uyakukwenza kanjani.

149 UNkulunkulu watshela uMikaya; uMikaya wawuhlola umbono wakhe ngaphambi kwabaprofethi abangamakhulu amane abagqamileyo. Wawuhlola umbono wakhe ukubona ukuthi wabe ulungile na. Wabuka emuva kulokho okwabe kushiwo ngumprofethi owabengaphambi kwakhe ukubona ukuthi kwakwenzekeni. Wabuka emuva, wayeseyambona lowoElija emi lapho, ethi, "Ahabi, izinja ziyoxhapha igazi lakho nawe." Manje, wayeseyabonake ukuthi lowombono wawuhambisana neZwi likaNkulunkulu impela, ngakho wayesephumisela; futhi wayeneqiniso. Kunjalo. Akukhathaleki ukuthi abanye bathini, yena wahlala naleloZwi nje kuphela.

150 Manje, akesibuke embonweni esinawo namuhla. Kungabe kungukwakha amasonto na? Kungabe kungukwakha izinto ezintsha na? Kungabe izinto ezinkulu ezizokwenzeka, noma ukwahlulela na? Bheka emuva ubuke isethembiso sanamuhla. Ubuke isikhathi sonyaka esiphila kusona.

151 Wena uthi, "Makabusise uNkulunkulu, mfowethu, mina ngiqotho. Ngijoyina isonto. Nginezíqu zami zobuciko. Ngenze *lokhu*." Konke kulungile. Kuhle; angiphikisani nakho. Wayenjalo noDavide; babenjalo nabapristi bangalelolanga; babenjalo nosiyazi bezenkolo; kepha kwakuphambene neZwi.

152 UNkulunkulu washo ukuthi Uyakukwenza kanjani namuhla, ukuthi Uyakubuyisela kanjani konke, ukuthi Uyakwenzani futhi. Uthembisile ukubuyisela. Kunjalo impela. KuJoweli 2:28 Wathembisa ukuthi Uyakubuyisela: "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, yonke iminyaka eyadliwa yisikhonyane." Bane . . . Niyabo, kuseyisona leso silwanekazana. Sisebenza ngokuguquka kwesigaba sempilo yaso. Lapho amaKatolika eqala ukudla, kwase kulandela amaLuthela, amaWeseli, nama Pentekoste, nabo bonke, kwehle njalo. Wathi, "Ngiyakubuyisela konke ngikubuyisele eBandleni impela njengoba lalinjalo ekuqaleni."

153 Qaphela embonweni ngobunye ubusuku. Impela yena lowoMlobokazi eza ngakulelicala eza ngakulelicala. Emva kwalokho izifebe zedlula zigqoke amagawuni azo, amayikayikana abheke le eceleni, zidansa umdanso wezwe, zizibiza ngebandla. Wena uthi, "Qha, thina asikwenzi lokho." Kepha uNkulunkulu ukubona unjalo. Akuyi ngokuthi wena uzibona unjani; kuya ngendlela uNkulunkulu akubona uyiyo. Akekho umuntu ozibona iphutha. Kuphela uma uzibuka

esibukweni seZwi likaNkulunkulu, Siyakutshela noma unephutha noma awunalo. Ukuba uDavide wayenzenjalo, wayeyobona ukuthi wenza iphutha. Ukuba uAhabi wayenzenjalo, noma ukuba abaprofethi babenze njalo, babeyozibona ukuthi babenephutha.

154 Umprofethi ofakazelwe wathi uAhabi uyofa nezinja ziyoxhapha igazi lakhe. Nesiprofetho sakhe sabanjengalokho kushiwo. Ngakho waqonda ukuthi wabe eqinisile. Ngisho noJehoshafati kwakufanele akubone lokho futhi akwazi. Ngenkathi uMikaya ebona umbono, wayengesiye o—ojwayelene nabantu kangako ngalezozinsuku, kepha wayeno ISHO KANJE INKOSI. Wabe eqinisile.

155 Qaphela, siveza lokho manje kulolusuku lapho sibona khona iawa elikhulu esizofinyelela kulo. Qaphela futhi ukuthi uDavide wayezama ukwenzani. Nginesiqeshana lapha enginaso mayelana nalokho. Wayezama ukuletha umphongolo emzini kaDavide, ihlelo lakhe.

156 Bheka emuva le lapho iNkosi yakhuluma ezansi la emfuleni: "Njengo Johane umBhaphathizi wathunywa ukubikezela ukufika kokuqala . . . " Mfowethu, amaAssemblies kawakwazanga ukukumela lokho, ngisho iUnited, bonke abanye. Kwakufanele babenaye oyedwa ndawondawo. A, bakwenza bonke. Niyabo? Impela. Bonke bawuletha endlini yabo.

157 Wayefuna ukuwuletha emzini kaDavide? Ngani na? Yayingakabibikho indawo eyabe isilungiselelwe wona. Kungakho ke ungeke nje waletha uMlayezo ehlelweni. IZwi; umPhongolo; uKristu, onguye izolo, namuhla, naphakade; nakho konke ukuzibonakalisa kwaKhe; ngeke uWulethe enhlanganweni yakho. Ngeke baWukholwe, ngoba ayikho indawo yaWo. Ngabe alisho yini kanjalo iBhayibheli ukuthi Wayengaphandle kwebandla lonyaka waseLawodekiya ezama ukungena na? Yabe ingekho indawo emzini kaDavide, noma ngabe kwakwethembeke kangakanani, noma wawumkhulu kangakanani, no—nokunye. Noma kunjalo kwakungakabibikho ndawo; kwakufanele ubeseJerusalema. Kulapho-ke wayiswa khona kamuva lapho umprofethi ebatshela ukuthi abawenzenjani. Niyabo? Ngakho uDavide wafuna ukuwusa emzini wakhe. Yayingakalungi indawo yawo.

158 UKristu ungumPhongolo wethu, futhi ngeke baWemukele. UKristu uyiZwi. Ngeke baLemukele. Bafuna imibhedesho yabo, ihlelo labo, umphongolo omusha, noma—noma—noma inqola entsha. Bafuna Uthwalwe yihlelo, umphongolo omusha. Khumbula uKristu ungumPhongolo wethu. Niyakholwa ukuthi uKristu LIyiZwi na? Uma kunjalo ungumPhongolo ke. Kunjalo na? Yebo. UKristu akanakuthwalwa nanoma yiyiphi inqola yehlelo asiwe endaweni yaKhe. Usebenza ngomuntu oyedwa

hhayi ngesixuku. Akazange Asebenze ngesixuku; kepha ngomuntu oyedwa. Uma E. . .?. . .Uma Akwenza, Uphambene phela neZwi laKhe, ku Amose 3:7. Ngeke uLenze liqambe amanga. Qha, mnumzane! Kuli-kuliqiniso.

159 Kepha bukani, bazama. . .UmPhongolo awunakuthwalwa yinhlangano; maningi kakhulu amakhanda akuyo. Niyabo? Akunakwenziwa. Uthembisile ukuthi Akanakukwenza, futhi ngeke Akwenze. U—Ushilo, lapho Ethembise—lapho Ethembise ukukwenza ngenye indlela, kungakho Ethembise ukuthi Akanakukwenza. (Musanini ukucabanga leyomicabango. Ngiyezwa. Niyabo?)

160 Ngalokho Wa—Wathembisa ukuthi Uyokwenza ngandlela-thize, futhi-ke konke okuphambene nalokho Akanakukwenza. Niyabo? Kepha ngaleyondlela yaKhe yakuqala njengalokho Akusho kuAmose 3:7, yileyondlela ke Ayokwenza ngayo. Lokho-ke kumele kube ngokubonakalisiwe kwafakazelwa ukuthi kuyikho. Manje, niyakwazi Akuthembise namuhla, ngakho Uyakwenza namuhla. Kuyikhona impela Athe Uyakukwenza: Uyovula lezoMpawu eziyisiKhombisa, nakho konke Ayakukwenza; ukwambula izimfihlakalo emuva le, nokuthi lemibhaphathizo nakho konke kuxovwe kanjani. Manje nakhu phambi kwaKhe impela. Ochwepheshe bayakufakazela. Amazulu akumemezele. Umuntu umile, uyakubuka ukubona kwenzeka. Akukho nakunye okuphuthileyo kulokho Akushiloyo kodwa ilokho Akwenze kwaba yiqiniso. Ulapho-ke. Ukuze phela ubone ukuthi sikuphi namuhla.

161 Manje, noma yimuphi umuntu onemimoya yakhe uyazi—onoMoya kaNkulunkulu kuye, uyazi ukuthi leli yiQiniso; ngokuba uMoya kaNkulunkulu kawunakukhuluma okuphambene neZwi. O qha, Uyohambisana neZwi ngqo. Wena uthi, "Nginawo uMoya oNgcwele. Ngibubulile: Ngikhulume ngezilimi. Ngisine eMoyeni." Lokho akuthi shu kuNkulunkulu. Niyabo? UDavide wenza khona lokho—ngokwenza yona leyonto emuva le. Bahlabelela ngamandla akhe onke, futhi wamemeza ngawo onke amandla akhe; bonke abanye benzenjalo, futhi baqonde ngqo ekufeni. Kunjalo! Akusizi lutho; yiZwi okuyilona lona, iZwi leNkosi. Labo abalinda eNkosini. Yebo, mnumzane!

162 Niyabona, labo abanoMoya kaNkulunkulu kubo babuka esethembisweni sanamuhla, baqaphele, balinde futhi baze basibone, beseke bethi, "Kuyiso." UNkulunkulu uyasembula kubo.

163 Njengo Nathaniyeli. UFiliphu wahamba wathola uNathaniyeli, uNathaniyeli wasethi, "Manje, lindani kancane ngiyazi ukuthi lokho kuthenjisiwe, kepha ake ngiKubone." Nalapho eseKubonile, wathi, "KuyiKho."

Owesifazane wathi, "Manje, ngiyazi, ngizwile ngabo bonke abazinhlobonhlobo osiyazi bezenkolo. Ngenze *lokhu nalokho*.

Futhi ngizifundele mina qobo eBhayibhelini, futhi ngiyazi ukuthi si—kukhona uMesiya ozayo oyokwenza lezizinto, ngakho umele ukuba ngumprofethi waKhe."

Wathi, "NginguYe."

164 Wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu, yiKho." Walinda waze wambona lowo Mesiya ebonakaliswa yiZwi likaNkulunkulu.

Wayesethi-ke, "Yilokhu-ke ebesikulindele iminyaka engamakhulu amane. Besilokhu singenamprofethi nanto enjalo. Nangu lapha, naYe futhi Qobo lwaKhe uthi UnguYe. [Akuthwetshulwanga itape—Umhl.] Phumani nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile." Kepha abapristi bafuna ukuMbulala, futhi ekugcineni bakwenza. Niyabo? Kepha abasenakuwubulala uMoya waKhe namuhla. Kunjalo! Ngeke, ngeke baWubulale. Wawulapha ukuba usiyise kuYe, ngakhoke siyabonga.

165 Qaphela ukuthi uNkulunkulu mkhulu kangakanani, ukuthi imisebenzi yaKhe mikhulu kangakanani. Ukuthi Akehluleki. Manje, uNkulunkulu unendlela ehlelekile nokuyiyonayona yokwenza izinto, Angenze okuphambene nayo.

166 Manje, Ukuthembisile ezinsukwini zokugcina Ayakukwenza. Futhi Ubathumele—thina uMlayezo, naloMlayezo uyakuba nesibonakaliso esifanayo naleso sikaElija, njengalokhu uElisha abanaso, njenganoJohane umBhaphathizi abanaso. Futhi Uyakuguqula izinhliziyo zabantu, zingayi ehlelweni, kepha emuva kokokuqala, kobaba abapostoli, emuva eZwini. Lezizinto zibonakalisiwe. Kuyakwenzeka ekubetheni kwengilosi yokugcina, kuSambulo 10: "Ngezinsuku zengilosi yesikhombisa lezizimfihlakalo ebekade zi . . . "

Ukuthi kwakwenziwa yini amaWeseli enze *lokhu*, namaBaptisti, neBandla likaKristu, noFakazi bakaJehova, bonke benze *lokho* na?

Lezozimfihlakalo ziyakwambulwa ezinsukwini zokugcina lapho izingilosi eziyisikhombisa-uMlayezowengilosi yesikhombisa, lapho isi, hhayi lapho iqala ukwenza lokhu, kepha lapho iqala ukumemezela uMlayezo wayo. Niyabo? Hhayi iminyaka yokulungiselela, kepha i—lapha iqala ukumemezela uMlayezo, lezozimfihlakalo khona ziyokwambulwa. Futhike nazi, bengingazazi, futhi nina bantu ningufakazi walokho. Nakulokho—kuxilonga okukhulu-ngangokuba izwe liyoba nokungabaza—basamangala ukuthi kwenzekeni.

167 E-Tucson abaxilongi abakhulu bathwebula isithombe salokho phezulu laphaya, basamangala ukuthi kwenzekani. Kuyini na? Basakuloba ephepheni, "Kungabe ukhona owazi utho ngakho na? Yini, bekwenzeke kanjani na?" Akukho fu phezulu laphaya; akukho moya, akukho mhwamuko, emamayeleni angamashumi amathathu ukuphakama emoyeni. O, okwami! "Kuyakubakhona izibonakaliso ezulwini phezulu.

Lapho lezizinto zenzeka, ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo, khonake kuyakuqhamuka isibonakaliso seNdodana yomuntu emazulwini." Ngalolosuku (kuLuka) iNdodana yomuntu Iyozembula luqobo futhi, Yambulwe luqobo. Nezwe liyakuba ngelibukeka njengeSodoma neGomora. O bakithi, bazalwane, musani ukuba ngabangaziyo izinto zikamoya. Niyabo? Hlolani umBhalo ngoba nicabanga—kuyo ninokuphila okuPhakade, yiyona efakaza ngeZwi. Yiyona efakaza ngeQiniso, ngezinto uNkulunkulu azenzayo ngalelihora.

168 Namanje, qaphelani! Labo abanoMoya kaNkulunkulu bayazilindela lezizinto. Nalapho sebebona lezozinto, bayazikholwa lezozinto. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi, nabo bonke labo uBaba aNginike bona (unguLiZwi), bayakuza kiMi—bayakuza kiMi."

169 Nginihlukumezile ekuseni namuhla. Niyabona na? Balindela eNkosini, bayalindela; uma belinda, bayasibona lesosethembiso sanamuhla sibonakaliswa, sivuselela ukholo lwabo eZwini laKhe, ngoba Uthembisile ukukwenza, futhi ke Ukwenza khona lapha. Ngakho-ke akukho kungabaza. UNkulunkulu Uyakhuluma; iZwi laKhe liyakhuluma kuqala, bese uMoya ongumlethi waLo wenza into iZwi elithe Uyoyenza. O, sinenkindlane yemifanekiso. Siyohlala sinenkindlane yayo, umuntu wenhliziyo eqotho ezama ukwenza izinto *ngale*ndlela na*ngaleya* ndlela, kepha qaphela ukuthi kwenzekani. Abantu bayobeka izandla zabo, bese—bese befa. Niyabo?

170 Qaphela, akukho msungulo womuntu wehlelo oyoke usebenze. Bezenzela amalunga omphongolo wehlelo lokuzenzela . . . UNkulunkulu akaze abe nehlelo. Angeke abe nehlelo. Futhi kuyinto eyenziwe ngumuntu.

171 Nanamuhla ngiyamangala uma konke lokhu kubiza nemibutho emikhulu nezimvuselelo, uma kungesikho ukuthi sigcwalise umphongolo wamaMethodisti, umphongolo wamaBaptisti, umphongolo wamaPresbyterian. Sithini ngomPhongolo kaKristu, iZwi na? Uma ke uMlobokazi kumele abe yiZwi, ngakho kumele A-bengokaKristu, ingxenye yoMyeni, Umele abe yiZwi, iZwi okungesilona elelanga laKhe, iZwi lalolusuku Athembise ukuthi kuyoba yilolusuku. Wathi Uthumele iZwi laKhe ukubumba uMlobokazi waKhe nokuba aMakhe. Ngethemba ukuthi siyakubona. Musa ukucabanga okungokwakho manje, futhi ungathathi umqondo womunye. Thatha iZwi elibonakalisiweyo lapha, iBhayibheli. Lithi . . .

UNkulunkulu uthembisile eZwini laKhe ukuba Uzakumkhetha kanjani uMlobokazi waKhe kulolusuku lokugcina. Ubukwazi lokho na? Ukwethembisile, Uyakukwenza kanjani, kungalelo cebo laKhe lakuqala lokukhetha uKristu, lokukhetha isikhathi, ukukhetha inkathi yonyaka ukuba uya . . .

Akanakulahlekelwa yikho kuMlobokazi waKhe, ngokuba Uyingxenye yaleloZwi. Angekukhethe ngehlelo njengalokho Engamkhethanga uKristu ngehlelo. Ngabe uKristu weza ehlelweni na? Ngabe weza ngehlelo na? Qhabo! BaMphika. Impela, kuyilokho okwenziwe ngamahlelo lapho; ngakho nxa Ekhetha uMlobokazi, Angeza ngenye indlela na? Wamletha kanjani uKristu lapha na? NgeZwi lababprofethi. Ngabe kunjalo na? Uyakumletha kanjani uMlobokazi waKhe lapha na? NgeZwi lababprofethi. Wamkhomba kanjani mhla Efika na? Ngomuntu owayenomoya kaElijah kuye evela ehlane. Uyakumkhomba kanjani uMlobokazi waKhe na? Wethembisa kuMalaki 4 yona leyonto ngaphambi kokuba Abhubhise umhlaba njengoba kwaba njalo ezinsukwini zeSodoma.

172 Khumbula, iSodoma lasha. Kungabe kunjalo na? Impela, lelizwe kumele lishe. UJesu washo njalo. Kuyakuba isikhathi lapho—njengakuLuka isahluko 17 nevesi 30 kwathiwa: "Ngalezozinsuku kuyakuba njengeSodoma neGomora, khona ke iNdodana yomuntu iyakwambulwa."

Phoke kuyokwenzekani na? NgokukaMalaki, Uyoshisa umhlaba futhi, nabalungileyo kuminyaka eyinkulungwane bayakunyathela phezu komlotha wababi. Ngabe kunjalo na? Niyabo?

Ngakho sisesikhathini sokugcina impela. S'hleli lapha emnyango manje siMlindele ukuba Abuye.

173 Qaphela, uNkulunkulu wethembisile eZwini laKhe ukuthi Uyokhetha uMlobokazi waKhe ngendlela yaKhe yakuqala Akhetha ngayo U—uMyeni. Wakubikezela ngababprofethi wayesethumela umprofethi ukuhlaziya. Umprofethi wathi, ehleli ezinkwazini zeJordani, "Bheka!"

Bathi, "UnguMesiya, ngabe awusiye na?"

Wathi, "Qhabo, angisiye uMesiya."

"Ufanele ukuba nguMesiya."

174 "Kepha angisiYe, kepha umi phakathi kwenu. Nezicathulo zaKhe, angimele nokuzithukulula. Lapho Efika, Ezazisa . . ." Nanamuhla Umi phakathi kwethu enguMuntu onguMoya oNgcwele, Ezibonakalisa kakhulu kakhulu, eza eBandleni laKhe, Ezibonakalisa; ngoba Yena noMlobokazi, noMyeni, bayoba Munye, Ezibonakalisa. Futhi ngelinye ilanga uyakubona ukuthi Lowo owawumuzwa enhliziyweni yakho ubona nokuzichaza kwaKhe, uyoba ngumuntu phambi kwakho. Lapho ke wena naYe niMunye. Nihlanganiswe yiZwi, neZwi lalikhona ekuqaleni liyakubuyela ekuqaleni ngoba linguNkulunkulu "Ngalelo langa niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, noBaba ukiMi, Ngikini, nani nikiMi." Haleluya! Silapha! Haleluya! Ng'yajabula ukuMbona Eba ngumuntu luqobo khona phakathi kwethu nokubona Akwethembisela iZwi, akusiwo amadlingozi omuntu,

ukuhlabelela, nokugxuma, nokusina, kepha ngeZwi laKhe (ameni!) Uyazibonakalisa.

175 Bheka lapho beletha—bakha nethempeli beletha nomphongolo kulo, uNkulunkulu wangena lapho ngeNsika yoMlilo. Ameni! KwakunguDavide egxuma ekhamuluka. Kwakuyibo bonke abahlabeleli nabapristi beqhubeka lapho bephumile entandweni kaNkulunkulu. Kepha lapho uNkulunkulu ebeka umphongolo endaweni yaKhe nangendlela eyiyo, ngaphambi kokuba bangenise umphongolo lapho, nansi iqhamuka iNsika yoMlilo ihola indlela, eqonda phansi phezu kwamaphiko amaKherubi iqonda phakathi emva kwendawo engcwele-ngcwele, endaweni yayo yokuphumula, iNsika yoMlilo. Nenkazimulo kaNkulunkulu yabe iphakathi lapho baze abantu bengakwazi ukuthi bangashumayela kanjani. Ameni!

Iyovala amehlo kasiyazi wanininini wezenkolo lapho Eseze kuMlobokazi waKhe. Uyohlwithwa e—phakathi nobusuku, njengoba kwakunjalo, kubo. AbanakuMbona ngisho Esehamba. O, udumo mulube kuNkulunkulu!

176 Qaphela. UNkulunkulu uthembisile ukuthi Uyokhipha uMlobokazi waKhe, Ayokwenza: Kuyakuba khona iMbewu; kuyakuba khona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa, ukuthi Uyakuzenza kanjani zonke lezizinto, njengoba kunjalo, nangendlela Ayihlela kuqala eTestamenteni eliDala nase Testamenteni elisha—futhi akungayo indlela yamahlelo. Akungayo inqubo yethu esiyisebenzisayo namuhla. Senza kuphela ukufa. Ukubeka . . . Abantu ba—beka izandla zabo nawo bese befa kuwo. Niyabo?

177 IZwi, uMlayezo wakusihlwa kumele uthwale imiphumela yakusihlwa. UMlayezo wakusihlwa kumele utshale izimbewu zangakusihlwa, hhayi imbewu yasekuseni, imbewu yakusihlwa. Ngabe kunjalo na? Isigcawu sasemini—izimbewu zayo emuva le kwakuyihlelo. Kwafa, kwabhubha. Kepha uMlayezo wesikhathi sokuhlwa uyotshengisa ukuKhanya kwesikhathi sokuhlwa, uyotshengisa imiphumela yesikhathi sokuhlwa. UMlayezo wesikhathi sokuhlwa . . . Isikhathi sikaJesu, umlayezo wemini watshengisa imiphumela yaphakathi nemini. Umlayezo wokuqala wakhombisa imiphumela yokuqala: kwenziwa indalo. Wenza iNdodana yaKhe ngomfanekiso waKhe phakathi nemini. Ngesikhathi sokuhlwa Usenzela uMlobokazi. Niyabo? Ngani na? NgeZwi laKhe. Wawenza kanjani umhlaba na? Wakhuluma kanjani ukuze ubekhona na? NgeZwi laKhe! Kwakungubani iNdodana yaKhe na? YiZwi! "Ekuqaleni wayekhona uLiZwi, noLiZwi wayenoNkulunkulu . . . NoLiZwi waba yinyama wakha . . . " Uyakumthatha kanjani uMlobokazi waKhe na? NgeZwi, hhayi ngenqola entsha, hhayi ngemiqondo ethile kasiyazi wezenkolo, kepha ngokweZwi laKhe UyakuMphawula. Musa ukwenezezela kuLo noma uphungule kuLo manje. Liyeke njengoba Linjalo. Niyabo?

178 Isikhathi sokuhlwa, Uthembisile ukuthi Uyokwembula—ukuvula leziziMpawu eziyisiKhombisa nokutshengisa amasonto ukuthi yini ayilahlile emuva le. 1 Sambulo 10, noMalaki 4, Luka 17:30, Uthe Uyokukwenza, ngakho asingakuxubi. AsiKugcine kunjalo.

179 Ake ngivale ngalokhu . . . Kumayelana, sekusondelele emizuzwini elishumi nesihlanu nce kushaye eleshumi nambili; angivale ngokusho lokhu: Bangane, lalelani eGameni leNkosi uJesu, lezizinto zinicacele kamhlophe ukuba ningezikholwe. Kucace kahle kamhlophe ukuba ningekubone. Impela niyakubona lokho. Impela izwe liyakubona. Kepha nje okwenu . . . Manje, maningangenwa yilabonoxhaka bezingxavula nezinto abanazo namuhla. Angikhathali ukuthi bangabantu abalunge kangakanani, baqotho kangakanani; uma bengakhulumi njengokomThetho nabaProfethi, iBhayibheli lathi akukho kuPhila kubo. Niyabo?

180 UDavide wacabanga ukuthi wayenza ngakho; wayeqotho. Abapristi bona bacabanga ukuthi bahamba ngokuyikho; babeqotho. Kepha behluleka ukubuza iNkosi mayelana nakho. Kwakufanele ngabe bebekwenze kanjani na? Mhlasimbe bathi, "Sikukhulekele lokho." Kepha kwabe kungesiyo indlela kaNkulunkulu yokukwenza. Wathembisa ukuthi Akayikwenza lutho Engambulanga kuqala ezincekwini zaKhe abaprofethi. Nango uNathaniyeli emi phakathi kwabo, kazange babuze kuye kwasanhlobo.

181 Manje funda ezahlukweni ezimbalwa ezilandelayo kuziKronike lapho, uzothola lapho uDavide ehleli endlini wayesethi, "Kungabe kulungile (uNathaniyeli wayehleli naye) ukuba nginga—hlala kumisedari kepha—kepha umphongolo kaNkulunkulu ube uhleli phansi kwamathende phandle lapha." Khona-ke uNathaniyeli wabuza eNkosini ukuba amtshele ukuba enzeni.

182 Wayevele esenze okungesikho, ngakho uNkulunkulu wathi, "Tshela inceku yaMi uDavide, Ngiyamthanda. Ngimenze igama njengamadoda amakhulu emhlabeni, kepha ngingemvumele akwenze (Niyabo?); wehlulekile kiMi. (Niyabo?) Ngingemvumele ukuba akwenze. Ngizobuye ngilethe umuntu: indodana yakhe iyakuvusa indlu yaphakade kaNkulunkulu." Nalowo kwabe kunguDavide, impela. Okwafanekiswa nguSolomoni, kepha nokho wehluleka. Wonke umuntu kumele ehluleke. Sonke isintu kumele sehluleke. UNkulunkulu Nguye yedwa ongenakwehluleka. Akanakwehluleka. Iyonanto kuphela uNkulunkulu Angenakuyenza, ukwahluleka. NoNkulunkulu uyiZwi. NeZwi . . . Akukhathaleki noma kungabonakala sengathithi kuzoqhamuka ngalendlela, kuyofika ngaleyondlela nqgo iZwi elisho ngayo.

183 Manje khumbula, kumele ulandele inkathi yonyaka, isikhathi. Uyabo? Naleyonkathi yonyaka okuyo, nesikhathi, ukwenze kuqhathaniseke ukubona ukuba impela kuliQiniso.

184 Manje thatha zonke lezizidingo, lonke iZwi, yonke imifanekiso, nezinto, bese ubuka ukuthi uhleziphi. Cabanga ngehora esiphila kulo. Buka ngaleya ukuthi cishe sekusele okukodwa eshumini ukuba umhlaba ulungele ukuwa. Ochwepheshe basho njalo. Babuka ewashini. Eminyakeni embalwa eyadlulayo bathi, "Sekusele imizuzu emithathu kuphela manje kube phakathi nobusuku." Kungaba umzuzu; kungaba ingxenye yeminithi manje.

Bathi, "Akunakwenzeka esizukulwaneni sethu."

185 "Kungenzeka emizuzwini emihlanu." Futhi qaphela, okulandelayo wathi, "Iminyaka emihlanu." Angikushongo lokho manje, washo njalo, uchwepheshe. Bayabaleka basuka eCalifornia njengezimpukane. Niyabo? Impela, usuku uLoti aphuma ngalo eSodoma, ilona suku okwana ngalo umlilo phansi emhlabeni. Ngolunye lwalezizinsuku uNkulunkulu uzothatha uMlayezo wethu, futhi sizoshiya lapha. Kukhona okuzokwenzeka kuliqiniso impela, uma iBandla selihambile, uMzimba waKhe, uMlobokazi waKhe.

186 Manje, ngithanda ukunifundela umBhalo, futhi ngithanda ukuba niWufunde kanye nami. Ngithanda ukuba nivule uDutoronomi 4 ukuba sivale. Ngicabanga ukuthi mhlawumbe sekwanele osekushiwo ozokukuqonda. Dutoronomi 4. Ngizofunda izindawo ezimbili lapha. Nakulelibandla, nakumateyiphu—kubantu abanamateyiphu, nakubantu abalalele kuya ezingxenyeni ezinye zesizwe, ngithanda ukuba nikulalelisise lokhu ningaphunduleki. Ilento engi... Dutoronomi isahluko 4. Manje, ngizoqala ngevesi lokuqala. Ngifuna ukufunda ivesi lokuqala, ngizobe sengifunda evesini lika 25 nelika 26. Ningakufunda konke uma senifike ekhaya, kepha ukuze songe isikhathi ukuze siphume ngesikhathi, ngoba ngifanele ngibuye futhi ebusuku namuhla, uma iNkosi ithanda. Lalelani kulomprofethi ekhuluma. Wabekade ephambi kobukhona bukaNkulunkulu. Wayekwazi abekhuluma ngakho. Lalelani:

> *Manje-ke, Israyeli, yizwani izimiso nezahlulelo enginifundisa zona ukuba nizenze, nize niphile, ningene nilidle izwe iNKOSI uNkulunkulu wawoyihlo aninika lona.* (Lokho kufanekisa iNkulungwane yeminyaka yethu.)
>
> *Aniyikuthasisela ezwini enginiyala ngalo, ninganciphisi futhi kulo...*(Unganezeli kuLo futhi ungathathi lutho kuLo. Hlala, kuphela shono lokho eLikushoyo.)...*ukuba nigcine imiyalo yeNKOSI uNkulunkulu wenu enginiyala ngawo.*

> *Amehlo enu abonile okwenziwa yiNKOSI... ngenxa kaBali-Peyori: ukuthi iNKOSI uNkulunkulu wakho waBachitha phakathikwakho bonke abantu ababemlandela uBali-Peyori.* (Manje, ningabantu abahlukanisiwe nakhishwa kuwo amahlelo. Niyabo?, niyabo?)
>
> *Kodwa nina enanamathela eNKOSINI uNkulunkulu wenu nisekhona nonke nanamuhla.* (Anifanga namahlelo enu; nisaphila namanje naphambi kukaNkulunkulu. Lalelisisani ningaphundulwa yilokhu.)

Ivesi lamashumi amabili nanhlanu manje. Lapho sebeya ezweni, manje qaphela ukuthi kwenzekani.

> *Nxa uyakuzala abantwana, nabantwana babantwana, nanxa se...senihlale isikhathi eside ezweni, none...*(Kwenzeka njalo)...*nenze...izithombe ezibaziweyo...*(Enye into)...*kumbe ngomfanekiso wento ethile, nenze okubi emehlweni eNKOSI uNkulunkulu wakho, nimthukuthelise;* (Lalelisisani)!
>
> *Ngifakazisa manje* amazulu *nomhlaba ngani namuhla,...*(Niyabo?)...*ukuthi niyakuphela nokuphela masinyane ezweni...*noma endaweni... eni*wela iJoridani ukuya kulo ukuba nilidle; aniyikwandisa izinsuku zenu kulo, niyakuqothulwa nokuqothulwa.*

187 Lona kwabe kunguMose ekhuluma kuIsrayeli emva kokuba uNkulunkulu ebonakalile kuye ngeNsika yoMlilo nokuthi wayazi ukuthi wayefakazelwe ukuthi uyinceku kaNkulunkulu yokubahola baphume. Nangaphambi kokuba baye ezweni, ngaphambi kokuba bangene, uMose wathi, "Manje-ke amazwi engiwakhulume kinina, ngifakazisa izulu nomhlaba ngani. Uma ninezezela utho kulo noma nisuse izwi elilodwa nje kulo, aniyikuhlala ezweni iNkosi uNkulunkulu eninika lona." Nami ngisho kanjalo eGameni likaJesu Kristu. Ninganezeli lutho. Ningasusi—nibeke imiqondo yenu kuLo. Wena shono kuphela okushiwo kulawomateyiphu. Yenza lokho kuphela qhwaba iNkosi uNkulunkulu eyale ukuba kwenziwe. Unganezeleli kuKho.

188 Selokhu kwathi nhlo, uyasigcina isethembiso saKhe kithina. Sonke isethembiso Asenzileyo Usigcinile. Ngabe uke wanitshela ukuthi kuzokwenzeka into ethize, nangempela yenzeka na? Ngiletha amazulu nomhlaba phambi kwenu namuhla ngenselelo, ngabe uNkulunkulu uke washo noma ntoni Akangayigcwalisa futhi wenza lokho impela Athe uyosenzela khona na? Ngabe ukwenze ngayo leyondlela impela Athe Uyokwenza ngayo na? Kunjalo impela! Ngalokho-ke Uyoqhubeka akwenze. Vele ungenezeli kuLo. Ungathathi kuLo.

Kholwa yiKho nje kuphela bese uhamba ngokuzithoba phambi kweNkosi uNkulunkulu wakho, ngokuba sisondelele ukuya ezweni. Khona-ke awusenakubuya. Sophinde ubuyele kulokhu kuphila futhi. Uyobuya usunomzimba ongasayikufa. Uyobuya isono sesaqedwa nya, lapho uSathane eseboshwa. Futhi uyophila kulomhlaba iminyaka eyinkulungwane iNkosi uNkulunkulu wakho akunike wona. "Ngokuba abamnene bayakudla ifa lomhlaba. Ubusisiwe owenza yonke imiyalo yaKhe, ukuze Abe nelungelo lokungena eMzini, ngokuba ngaphandle kukhona abathakathi, abaqambi-manga, izifebe, nezinja; abayikungena kuwo." Zingezabahlengiweyo nalabo abahamba ngokwemiyalo yaKhe kuphela.

189 Musa ukuthatha enye into entsha. Zinhlakanhlaka, ziyoba ngaphezu kwalokho eziyofika. Kepha ungalokothi uthathe lezizinto ezintsha. INkosi uNkulunkulu wakho usekutshelile okuliQiniso. INkosi uNkulunkulu wakho ikubonakalisile okuliQiniso ngeZwi laKhe nangoMoya waKhe. "Akuyi ngegunya, akuyi ngamandla, kepha ngoMoya waMi." NoMoya . . . UNkulunkulu ufuna labo abazomkhonza ngoMoya nangeQiniso. "IZwi lakho liyiQiniso." Futhi ubonakalise ngokucacile ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Unibonise imbewu yangesikhathi sokuhlwa. Ukwembulele nina eZwini. Ukufakazele kini ngoMoya waKhe.

190 Ungalokothi usungule noma uzame inhlangano. Ungazami ukwakhela phezu kwanoma yini, kepha hlala uthobile phambi kweNkosi uNkulunkulu wakho, ngoba kubukeka kuseduze ukuba amasango ezwe elethenjisiwe avuleke masinya. Ngakho masingene ngokuhuba kweqiniso nangentokozo, lapho uMlobokazi noMyeni bethatha indawo yabo esihlalweni sobukhosi.

191 Hlala ngokuzithoba; hlala ngothando. Thandanani. Ungabi nanxa namuntu. Uma ubona kuqubuka utho enhliziyweni yakho olungeluhle mayelana nomunye, kususe lapho ngokushesha. Ungavumeli . . . NoSathane uyozama yonke imizamo ukungena phakathi kwenu. Uyabo? Ungakuvumeli lokho kwenzeke. Kungaqhamuka ugedle-yihlekisa mumbe azame ukukususa kukho. Ucabanga ukuthi babengakhuluma kabi ngoMose bamkhiphe phambi kukaNkulunkulu lapho ayemi khona ezibonele na? Qha, mnumzane! Qha, Asiphunguli kuLokho noma senezele kuKho. Ligcine Linjengoba uNkulunkulu eshilo. Asifuni hlelo lapha; asifuni zinhlangano. Asifuni nzondo; asifuni ngxabano; sifuna uNkulunkulu; futhi unguLizwi. Manje asikhothamise ikhanda lethu.

192 O, Nkulunkulu, ngibuka ngapha nangapha ngeso lokomoya; ngizama ukubona ukuthi kwenzekani. Ngibuka iZwi laKho, indlela eliqinisekile ngayo, ngendlela elifakazelwe ngayo. Lokhu kwasukela eminyakeni engamashumi amathathu eyadlulayo ezansi lapha emfuleni, lokho Owakushoyo, namanje nakhu

kusekhona emva kweminyaka engamashumi amathathu, Usenza khona lokho owakuShoyo. Futhi wenze khona Okushiloyo. Nkosi, makube kude nathi ukuzama uKunciphisa noma siKwenze kube kukhulu. Kuphela siKugcine ngendlela oKwenze ngayo. Sihambe ngokuzithoba siKulandele.

193 Laba yibo, Nkosi, Obanikeze inkonzo ngaphandle kwalabo bonke abalala ezizweni ngezizwe, umhlaba wonke jikelele. Amaliba lapha abamba abaningi balabo abalindile, abangcwele ababusisiwe. Kepha kunjengoba kwashiwo, thina esisaphila sisasele asinakubandulela abaleleyo. Icilongo liyakukhala, abafileyo bayovuka kuqala; khona-ke siyakuhlwithwa kanye nabo. Lapho inkazimulo kaNkulunkulu iyakuba semhlabeni, iyakusithibeza iBandla ilisuse emhlabeni. Awuyikulibona ngisho seLemuka.

194 Baba Nkulunkulu, bagcine laba ezandleni zaKho. BangabaKho. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi sohlale sihamba ngokuzithoba phambi kwaKho. Asazi ukuthi koba nini. Asifisi nokwazi ukuthi koba nini; akusiwona umsebenzi wethu. Kungumsebenzi waKho. Akuzona izintando zethu ukwazi ukuthi Uyakufika nini; kuyintando yethu, Nkosi, ukuhlala sizithobile uz'Ufike, bese sihamba naWe. Kuyisifiso sethu ngaWe ukuba Uzibonakalise kanye ngesikhashana. Baba, phakathi kwethu, ukuze sibone ukuthi sisahamba naWe.

195 Sithethelele izono zethu ezedlulileyo. Sihole usivikele kubo bonke onoxhaka bakasathane abezayo. Sihole usiqondise o, Baba Nkulunkulu wethu. Sithethelele izono zethu usisize ukuba sibe ngabantwana bakho. Singabantu abampofu abaphansi. Siyizilahlwa kuyizinhlangano zalomhlaba, emahlelweni alamasonto. Siyakubona ukuphela, siyaKubonga ngokubona ngamehlo kamoya eZwini laKho ukubona isikhathi sokugcina. Ngokuba zonke lezizinto kumele zifike kulokho kuphihlizwa ngamatshe okukhulu okuvela eZulwini. Sisize, Nkosi, ukuba singabibikho lapha ngalolosuku, kepha kube sesihambile saya kuWe, sindizele esifubeni saKho.

196 Phulukisa abagulayo nabahluphekileyo, Nkosi. Siyakhuleka ukuthi kulobubusuku Uzakusinika inkonzo enkulu, sengathi kungebebikho muntu obuthakathaka phakathi kwethu ngenxa yoBukhona baKho, Nkosi. Kwangathi izinhliziyo zethu zingaqhubeka njalo ziqiniseke kuWe. Futhi siyazi, Nkosi, ukuthi imali, impahla, izinto zezwe azilutho, zingokwesikhashana nje. Zonke kumele zisuke. Imisebenzi yethu, izindawo zethu, abangani bethu, konke kumele kushabalale. Noma ngabe sicebe kangakanani, noma simpofu kangakanani, noma sidume noma asidumile kangakanani, kumele konke kuhambe. Kepha yinye into ubukhona bethu lapha obubambelele kuyo, lowo nguJesu Kristu. Ngakho, Nkulunkulu, masibeke eceleni konke okuselekayo sibambelele kuYe; futhi-ke unguLiZwi (Kwenze lokhu, Nkosi!) IZwi elibonakalisiweyo lehora.

197 IZwi eliqinisekisiwe ezinsukwini zikaMose kwakunguJesu. IZwi eliqinisekisiwe losuku lukaIsaya, uElija, uJohane, bonke, kwakunguJesu. NeZwi elibonakalisiwe namuhla nguJesu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Sisize, Nkosi, ukuba sikukholwe lokho, sikubone lokho, sihambe kulo. Si—sikucela eGameni likaJesu.

198 Sisakhothamise amakhanda ethu, angazi noma ukhona yini ongakaze ngokwempela enze lokho okukhulu okukodwa, okwanele konke . . . UyaLikholwa, kepha ukulikholwa nje kuphela akwanele. Ngiyakholwa ukuthi umkami wayeyintombazane elungileyo. Ngangimazi uyise, unina. Ngangimazi iminyaka ngeminyaka. Wayephila impilo eqondile. Ngangikholwa ukuthi wayengowesifazane olungileyo, kepha akusikho lokho okwamenza waba ngowami. Zange abe ngowami waze wa—ngamamukela, wangamukela. Manje, uJesu ufuna ukukwamukela. Ubunge Mamukele ubeyingxenye yeZwi laKhe na? Uma ubungakakwenzi lokho, nisakhothamise amakhanda enu nezinhliziyo zenu zikhotheme, ngiyethemba . . .

199 Ayikho indawo yokuza ngaphambili e altare lapha. Angibajahile kangako. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyanivakashela lapho nikhona. Ngicela uphakamise izandla zakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule emthandazweni. Ngifuna ukwenzenjalo." UNkulunkulu akubusise. Ngi . . . UNkulunkulu akubusise. Yebo, izandla zibonakala ndawo zonke. "Ngifuna ukuba njalo." UNkulunkulu akubusise, Mfowethu, nawe akubusise, Mfowethu, nonke jikelele. "Ngifuna ukuba yilokho." UNkulunkulu abusise . . . "Ngifuna ukuba yilokho ngokweqiniso." Ngi—ngiyakubona . . . Yebo manje, buka, mngane, kungaba khona okuncanyana . . . Uma ungesikho lokho, ngakusho ukuthi kukhona obambelele kukho phandle kwalokho. Ususeduzane kwakho, uyakubuka. Uyakubona. Nikubonile iminyaka ngeminyaka kwenzeka. Niyakubona sekuyavuthwa manje. Uma lokho kusho konke kithina akukho lutho olunye futhi oluyohlala isikhathi eside ngaphandle kwaLokho, yini ungasuki kulokho okade ukubuka ubambelele kuYe, oyiNsika yakho konke ukuphila, konke okuzayo kunguYe. Ungekwenze lokho sisakhuleka ndawonye na?

200 Nkulunkulu othandekayo, kukhona izandla zowesilisa, zabesifazane, zabafana, zamantombazane, nabefundisi imbala, baphakamise izandla zabo. Ba—bafune uku—ukusho ukuthi bafuna ukuzimelela bazungeze iNkosi uJesu, nokho kubonakala sengathi kabanakukwenza; kukhona okubadonsela *ngapha nangaphaya*: Kungaba yihlelo; kungaba ngumuntu, kungaba yisono; kungaba yinto ethile abayififihle enhliziyweni yabo. Angazi, Nkosi; NguWe owaziyo. Noma ngabe kuyini, kwangathi manje, Nkosi, lapho Ubabiza abanye . . . Usubabizile; BangabaKho. Usababiza, sengathi bangasuka kule-kulesosono

esithandelayo, njengoba iBhayibheli lathi, “Masilahle leso sono esithandela kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela kulokhu kuncintisana esikumiselweyo.” Sibheka kukuphi? Emsebenzini wethu? Ehlelweni? Phansi kwenhlangano yethu? Emikhandlwini? KuKristu, uMqalisi noMphelelisi wokukholwa esinakho kuye. Senzele lokho, Baba, namuhla. Sikucela lokhu eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe.

201 Manje, bangabaKho, Nkosi; yenza kubo njengalokhu Ubona kufanele. Yenza kithi njengalokhu Ubona kufanele; singabakho. EGameni likaJesu. Ameni.

Ng’yamthanda, Ng’yamthanda,
Ngoba Wangithanda,
Wang’thengeli ’nsindiso
Emthin ’eKalvary.

202 Senikhohlwe yidina na? Senikhohliwe ngabantwana ukuthi basahlezi kahle yini emotweni noma qha? Senikhohliwe yikho konke okudlulileyo naqonda lokho enikuzwayo manje na? Kuyenzeka phambi kwenu usuku ngosuku. Niyabo? Lokho makube yinsika yalokho . . . Konke okunye makusuke; kuzobhubha noma ikanjani. O, hlala uMlandela nje. Njengo Elisha owalandela uEliya, masiMlandele. Ngokuba kumelwe sihlwithelwe phezulu futhi sukulumbe. Siyibonile inqola yomlilo eMkhiphe ethuneni. Siyayizwa manje phakathi kwethu. Ngelinye ilanga Uzothukulula amahhashi ezihlahleni. Siyaphezulu. AwuMthandi na?

Wang’thengeli ’nsindiso
Emthin’eKalvary.

O, uma nje ungavele—uvale amehlo akho ungeMbone Elenga laphaya na?

Ng’yamthanda, (Ubani omunye engingamthanda na) Ng’yamthanda,
Ngoba Wangithanda.
Wang’thengeli ’nsindiso
Emthin’eKalvary.

203 Njalo nxa ngibuyela ekhaya, kubakhona osemukile. Ngike ngihambe izinyanga ezimbalwa, ngibuye, kukhona osehambile. Ngezikhathi zonke nxa ngibuya ngiyadabuka. Ngelinye ilanga umfana engangifunda naye, wayehla ngomgwaqo wathi, “Yebo, Billy.”

204 Ngambuka; wayengumfanyana obukekayo, enezinwele ezimnyama ezicwebezelayo zikanywe zabhekiswa emuva. Manje, sezimhlophe njengeqhwa. Zazikade ziqonde kahle; zimbambatheke kahle ngalendlela. Ngathi, “Yebo, Jim.” Ngambuka; ngathi enhliziyweni yami; Ngacabanga, “Nkulunkulu, lowomfana kanye nami, leyondoda sinyaka munye nayo.” Ngabe sengazi ukuthi izinsuku zami zibaliwe. Ngiyazi ukuthi azisezinde kangako. Ngiyaqalaza, ngiyacabanga,

"Ngenzenjani, Nkosi na? Ngisize. Angifuni ukuhamba phambi kwakho. Ngifuna ukuhlala ngiqondile ngibesemva kwakho. Ngihole endleleni." Ngase ngibuka, ngicabanga, "Sengineminyaka engamashumi amahlanu nesithupha ubudala, o, yeka mina, akusekude." Sengibuka phansi, ngibona umngane wami olungileyo uBill Dauch uhlezi laphaya, uneminyaka engamashumi ayisikhombisa nambili noma amashumi ayisikhombisa nantathu ubudala.

205 Ngiyaqalaza; ngibuka lezizingane ezicabanga zithi, "Qha, ngizolinda ngize ngibemdala njengoMfowethu uBranham, ngobuye ngicabange ngalokho. . ." Mntanami, kungenzeka ungabe usakubona lokho; ngingabaza impela ukuthi ungakubona. Niyabo? Kepha ake ucabange, uma uMfowethu uBill Dauch esaphila namanje, uyodlula amakhulu abantu abaneminyaka elishumi nesihlanu, ishumi nesithupha ubudala. Bafa mahora onke. Pho kwenza mahluko muni ukuthi uneminyaka emingaki na? Wenzani ngalelihora osaphila ngalo na? Umenzela ini uJesu kulesisikhathi na? Niyabo? O, ngifuna ukuMbona. Ngifuna ukubona ihora ngibuke ngibone yonke leyomizimba emidala iguqulwa, ngibabone beguqulwa ngesikhashana ngokuphazima. Uma lokho kungenjalo, kusho ukuthi singabantu abayimiqubа nje; dlana, uphuze uthokoze ngoba kusasa uzakufa. Niyabo? Unjengesilwane nje; uyafa uye othulini bese kuphela kanjalo. Kepha kukhona ofayo—ongasayikufa umphefumulo ohlala kuwe, mfowethu. Sizwile eZulwini. Sikubonile kufakaziseka. Siyazi ukuthi Ungu, mvuzi walabo abaMfuna ngokuzimisela.

Manje, malunga oMzimba kaKristu, sisalicula futhi, ngifuna nike nihlale ezihlalweni zenu nixhawulane izandla sisalicula futhi.

> Ng'yamthanda, (Xhawula umfowethu, udadewenu.) Ng'yamthanda,
> Ngoba Wangithanda, (Richard!)
> Wang'thengeli 'nsindiso
> Emthin'eKalvary.

206 Niyamthanda, thanini, "Ameni!" [iBandla liyaphendula, "Ameni!"—Umhl.] Niyalithanda iZwi laKhe, thanini, "Ameni!" ["Ameni!"] Niyakuthanda ukwenza kwaKhe, thanini, "Ameni!" ["Ameni!"] Niyawuthanda uMzimba waKhe, thanini, "Ameni!" ["Ameni!"] Ngakho-ke niyathandana. Ameni! Kunjalo. "Abantu bayakukwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma nithandana."

207 Manje, ngibeke izandla zami kulamaduku. Uma niwafuna ngaphambi kwalobubusuku. . .Ngizocela uMfowethu uRichard Blair, uNkulunkulu wawuphendula umkhuleko wakhe, yena nomzalwane, lapha ngelinye ilanga bekhulekela umfanyana ohlezi phakathi kwethu namuhla ukuba abuye aphile, uphila ngenxa yokholo lwabo kuNkulunkulu. . .Namanje, ngizocela

ukuba asikhiphe ngezwi lomkhuleko kulemizuzwanyana, ukuze sibuyele futhi namuhla ebusuku. Sekuyimizuzu emihlanu lishayile eleshumi nambili kulelo washi. Ngithanda ukuba nibuye futhi kulobubusuku, uma ningaphumelela, uma ningaba seduzane. Uma sekufanele niye ekhaya, sengathi uNkulunkulu anganiqhuba emgwaqeni wenu, anisize, anivikele. Uma ninokuhlala noma nifuna ukuhlala, nivumelekile ukuba nihlale. UNkulunkulu abenani manje.

Size sibonane, size sibonane,
Size (Asiphakamise izandla zethu ku. . .)
  sibonane ez'nyaweni zikaJesu;
Size sibonane, size sibonane,
'Nkulunkul'abenani size sibonane futhi.

[U Mfowethu uBranham uyalimumuza lona leloculo—Umhl.] (Yiyona ndlela yokuphuma endlini kaNkulunkulu, ngokuthandaza, ngokuzithoba, sethemba ukuthi sizohlangana futhi kulobubusuku. Uma singahlangani, uNkulunkulu anibusise) size sibonane futhi.

Masikhothamise amakhanda ethu manje. Mfowethu Blair.

